# *Izehlakalo Zenziwe Zacaca NgesiProfetho*

Asikhothamise amakhanda ethu manje ngomkhuleko. Nkosi Nkulunkulu wethu, Mdali omkhulu wamaZulu nomhlaba, Owabuye waletha uJesu evela kwabafileyo, futhi uphila kanye nathi kuleminyaka eyizinkulungwane ezimbili, uphila njalonjalo ukuba aqinise iZwi laKhe futhi aLenze libe yiqiniso esizukulwaneni ngasinye. Sibonga kakhulu ngoBukhona baKhe bobuNkulunkulu njengamanje, sazi lokhu, ukuthi sinalesisiqiniseko esikhulu, ukuthi emva kokuba lokhu ukuphila sekwedlule, sinokuPhila okuPhakade ezweni elizayo. SiyaKubonga, ngalokhu, Nkosi. Nalelothemba, eliyihange emphefumulweni, elibambelele neliqinisekile ngesikhathi sesiphepho. Futhi uma kufika iziphepho, amagagasi amakhulu egingqika, siyezwa ukuthi ngokukholwa kuYe singawola onke amagagasi.

2 Nkulunkulu, sisize kulobubusuku njengoba siza ukuzokhonza abagulayo nabadingayo. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi akuzukabakhona-muntu ogulayo phakathi kwethu uma sesihamba kulobubusuku. Kwangathi wonke umuntu angaphiliswa ngaMandla aKho obuNkulunkulu, ndawo zombili lapha nasesizweni sonke, kwabaxhume ocingweni, kwangathi kungebekhona-muntu obuthakathaka ophuma kunoma yiyiphi indlu noma kumuphi umbuthano kulobubusuku. Kwangathi uMoya waKho ungabaphilisa. Makuthi iLanga elikhulu lokulunga, elinokuphilisa emaphikweni aLo, liphume, liveze imisebe yokukholwa kuyoyonke inhliziyo lapho belalele iZwi, babone izibonakaliso zikaMoya oNgcwele ubenelise ukuthi Usaphila. Sikhuleka lezizibusiso, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

3 Impela lokhu sikuthatha njengenhlanhla enkulu ukuba sibe lapha kulobubusuku, futhi, uku—ukukhuluma kubantu futhi sikhulekele abagulayo. Sifuna ukubingelela bonke labo abangaphandle ezweni la—labaxhume ngotelefoni esizweni sonke, futhi kulobubusuku. Futhi ngakho sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzobusisa ngamunye wenu, sethemba ukuthi bonke labo abemukele uKristu kulokhu ukusa bazogcwaliswa ngoMoya oNgcwele futhi baphile njalonjalo ngokwethembeka nangeqiniso kuYe kuze kuphele ukuphila lapha emhlabeni, lokhu ukuphila okusazokufa. Bese kuthi-ke bona, ngokwenza lokho, banokuPhila okuPhakade. Abasoze bafa onyakeni oyofika, kuya oNyakeni omkhulu esiwubheke sonke.

4 Manje sizothi, ngisacabanga ngakho, ukuba singaphazamisi. UMfowethu Vayle ulapha, futhi kungenzeka ngingatholi ukuthi ngimbone. Ngizo . . . Ngingayithumela leyoncwadi engakabi yibhuku kuwe uma ngibuyela eTucson na? Ngisayicwaninga, angikayiqedi ukuyifunda yonke, futhi ngizoyibuyisela kuwe ngokushesha nje uma sengifika eTucson.

5 Manje ngifuna ukwenza isimemezelo. Lokhu kuqondene ikakhulukazi namabandla ndawo zonke, ikakhulukazi eNtshonalanga, kumbe noma yikuphi elifuna ukuza. Umfowethu owaziwayo, uMfowethu Pearry Green, ne . . . Ngumuntu ongumqhathi walokhu ukuxhunywa kwalotelefoni lapha. INkosi ibikubeka enhliziyweni yakhe ukuba eze azosivakashela eTucson, futhi aqale imvuselelo eTucson, esiyidingayo ngempela. NoMfowethu Pearry uzoba seTucson. Uma ufuna ukuxhumana naye, tholana ne ofisi lethu nje lapho. Izoba ngoAgasti ziyi 10, 11, 12, ne 13. Ubenakho enhliziyweni yakhe isikhathi eside, futhi ngamtshela ukuthi "indlela kuphela yokuyikhipha enhliziyweni yakho, hamba uyenze." Futhi ungumfowethu ongumKristu, inceku kaNkulunkulu yangempela. Nani bantu, eTucson, ngiyazi nizobusiseka lapho ekhonzisa lapho ndawondawo, mhlampe eRamada Inn noma yikuphi lapho iNkosi ehlela khona indawo, akakabinayo lapha. Kodwa ngiyazi nizobusiseka ngokuza, nizwe uMfowethu Green lapho esichasisela iZwi likaNkulunkulu, mhlampe ekhulekela abagulayo, kumbe noma ngabe yini esemsebenzini wogcobo lukaNkulunkulu ukuba kwenziwe.

6 Sifuna futhi ukubonga uMfowethu Orman Neville, uMfowethu Mann, ngalesisikhathi esimnandi sokuhlanganyela nabo. Ngijabula kakhulu ukuba naso, ngizibandakanye nendoda enjengoMfowethu Neville, uMfowethu Mann, nabobonke laba abanye abefundisi abakhona lapha. Ngethemba ukuthi baziwe. Uma ningakabazi, ngebhodi yethu nebandla lethu lapha, ngineqiniso ukuthu uNkulunkulu uyanazi lapha njengezinceku zaKhe. Kwangathi iNkosi inganibusisa njalonjalo.

7 Manje, ngicelwe into encane lapha, ngenothi elincane enginikwe lona, ukuba . . . Babenomhlangano wabaphatheli ngobunye ubusuku lapha, ebhodini yabaphatheli nabadikoni, futhi ngicabanga ukuthi amaminithi afundiwe kulokhu ukusa phambi kwebandla. Okungukuthi, lokho kungumkhuba wethu ukuba sikwenze lokho. Ezinqumweni esenziwa yibhodi yabaphatheli nabadikoni lapha ebandleni, kusobala, ngeke kwathokozisa wonke umuntu. Ngeke sakwenza lokho. Angihlangene nangento eyodwa nebhodi yabaphatheli noma ibhodi yabadikoni. Anginalo ngisho nevoti ngaphandle uma kukhona isibopho, futhi ngifanele ngibe lapha ukuba ngisenzeke, uMfowethu Orman Neville uthatha lelovoti lesibili. Bese-ke sidingeka ukuthi sisayine lezi, ngoba siyingxenye yebandla. Kodwa ukuthi ibhodi lababphatheli nalesosinqumo sebhodi

abasenzayo, impela simi emva kwabo ngekhulu lamaphesente, ngoba yilokho abakukhonele lapha. Nezinqumo zabo siphakathi kwabo noNkulunkulu. Angikwazi, angikwazi futhi ngeke ngakwazi, noma ngayiphi indlela, ngaphikisana nalesosinqumo. Futhi enye into, ngenqatshelwe nguHulumeni waseUnited States ukuba ngenze noma yisiphi isinqumo esiphathelene nalokho, ngakho ngiyacela ningangiceli ukuba ngilungise izinqumo zabo. Ngeke ngakwenza, futhi angizukuzwa lutho ngaso. Niyabo? Ngakho ningangiceli ukuba ngilungise izinqumo zabo. Bonanani nebhodi, yiyona eyenza izinqumo. Kulungile.

8 Manje uma kwenzeka emhlanganweni weviki elizayo, kungenzeka, iNkosi ithanda, ngizobuyela lapha emavikini cishe amane kuya kwayisithupha, noma into efana naleyo, mhlawumbe okomunye umhlangano wangeSonto. Futhi ngimemezelile kulokhu ukusa bengifuna ukukhuluma ngokuthi *uNkulunkulu Ubonakaliswa EZwini laKhe,* futhi ngeke nje ngibe nesikhathi kulobubusuku, futhi, ngokusobala, angikaze impela ngibe nalo iphimbo elenele ukuba ngikwenze. Bese kuthi-ke isixuku, baningi cishe impela abangaphandle njengoba bekhona abangaphakathi, futhi, mhlawumbe baningi kakhulu, ngibala lawomabhasi namatrakhi nezinto okuhlezi phandle lapho kunabantu. Kuvuliwe, ukusakaza okuncane kuthe ukwenyuka kancane, singakuzwa. Leligagasi elincane, igagasi elifishane ukusuka etabernakele singalicosha lelo ebangeni eliqhele ngebhilidi elilodwa. Nezinye zezimoto ziqhele ngebanga lamabhilidi amaningana, olayini bemoto, naphansi naphezulu, nasemaceleni nasemigwaqeni, ukuzungeza itabernakele kulobubusuku. Angikholwa nangasiphi isikhathi, kwababonakalayo, ukuthi sesake saba nabo abantu abaningi abaminyene phakathi nasemacaleni onke esonto kunalabo esinabo kulobubusuku. Ngakho si. . .Nabaningi, abaningi, abaningi bayashayela nje bayenyuka futhi beshayela besuka.

9 Ngakho kuyakhombisa ukuthi, "Lapho kukhona isiDumbu, izinkozi ziyobuthana khona." Futhi mangisho lokhu kulobubusuku, kuleliqembu elincane labantu, kungumbuthano wamazwe ngamazwe. Ngokwangempela ngaphezu kokubili kokuthathu kwesifundazwe kwenyunyana kumelwe lapha, ngaphandle kwezizwe ezinhlanu zangaphandle, ngisho naseRashiya, nakuzo zonke izingxenye ezehlukene zezwe. Kuya le phansi eVenezuela, kuphumele eJamaica, kuzozonke izingxenye zesizwe, abantu balapha, belambele futhi bomele uNkulunkulu. Isikhathi esimangalisa kanje pho!

10 Manje ngifuna, ngaphambi kokufunda iBhayibheli, futhi ningangikhulekela manje. Ngi—ngizozama ukuletha uMlayezo omncane, iNkosi ithanda, ekuhambisaneni nokuphilisa kobuNkulunkulu. Ngokuba, kulokhu ukusa sikhulume ngensindiso. Futhi kulobubusuku sizokhuluma imizuzu embalwa ngokuphilisa kobuNkulunkulu, bese-ke ngibiza

umugqa wabagulayo futhi ngikhulekele abantu. Sisenza lokhu, kwabangaphandle abaxhume ezingcingweni, noma yikuphi lapho enikhona, ngisho naphandle emabhasini nasezimotweni yonke indawo, phakathi kwebanga lebhilidi noma amabili etabernakele; uma sekufika esikhathini sokukhulekela abagulayo, uma ningenakungena endlini . . . Okungukuthi, anikwazi, ngineqiniso manje, ngoba eminyango ndawo zonke kuminyene ngqi, ukwedlula, futhi akukho-ndawo nomaphi, ngakho khulekani futhi nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye phandle lapho. Futhi makuthi umfundisi ngamunye oxhume ocingweni kulobubusuku, naye futhi akhulekele ibandla lakhe ngenkathi inkonzo yokuphilisa isaqhubeka. Sikholwa wukuthi uNkulunkulu usezindaweni zonke, yonke indawo. Manje ngaphambi kokuba sifunde noma . . .

11 Ngaphambi kokuba si—sikhuleke, sifuna ukufunda elinye leZwi likaNkulunkulu. Futhi ngishintshe imiBhalo yami—yami esikhashaneni esedlule, ngoba ngifuna ukushintsha uhlobo lomhlangano ebengiwubeke engqondweni yami walobubusuku, ngakho ngithe ukuwushintsha kancanyana; futhi ngakho ngidingeke ukuthi ngishintshe imiBhalo yami, hhayi ukuyishintsha, kodwa ukuyihlela ngolunye uhlelo, yokuphilisa ngokukaNkulunkulu, ukuze—ukuze abantu baqonde.

Asiphenye kuLuka oNgcwele, isahluko 24. Futhi sizoqala evesini 12 lesahluko 24, futhi sifunde sehle size siyofika cishe kwelama 34. Kumayelana nokuvuka kweNkosi uJesu.

> *Khona* uPetru, *uPetru wasuka, wagijimela ethuneni; wakhothama,* futhi *wabona izindwangu zelineni . . . emangele ngokwenzekileyo.*
>
> *Futhi, bheka-ke ababili babo babehamba ngalona lolosuku baya emzaneni othiwa iEmawuse, ukude neJerusalema amastadiyu angamashumi ayisithupha.*

Manje, kuthatha amastadiyu ayishumi ukwenza i—ukwenza imayela, ngakho kwakuthi akube amamayela ayisithupha.

> *Babekhulumisana omunye nomunye ngazo . . . lezizinto ezehlakeleyo.*
>
> *Kwathi, besa, khuluma bebuzana, uJesu uqobo wasondela, wahambisana nabo.*
>
> *Kodwa amehlo abo abebambekile ukuba bangamazi.*
>
> *Wathi kubo, Zindaba zini lezi enikhuluma ngazo omunye nomunye, nihamba, ninyukumele na?*
>
> *Omunye, nguKleyophase igama lakhe, waphendula wathi kuye, Wena uyisihambi eJerusalema ungoyedwa, ongazazi* wena lezi *izinto ezenzekileyo . . . ngalezizinsuku na?*
>
> *Wayesethi kubo, Zinto zini na?*

Manje khumbulani, lona nguJesu uqobo lwaKhe, esevukile, ekhuluma.

*Bathi kuye, NgoJesu waseNazaretha, obengumprofethi onamandla ngesenzo nangezwi phambi kukaNkulunkulu nabantu bonke:*

*Ukuthi abapristi abakhulu nababusi bethu bamkhaphela u* e. . .*uku—ukunqunyelwa ukufa, baze bambethela.*

*Thina-ke besethemba ukuthi nguye ozakuhlenga uIsrayeli: kodwa phezu kwalokhu konke, sekulusuku lwesithathu lezizinto zenzekile.*

*Yebo, nabesifazane abathile bakithi basethusile, abebeyile ethuneni ekuseni;*

*Kuthe bengasifumani isidumbu sakhe, bafika, bathi, babone nombono wezingelosi, ezithi uyaphila.*

*Nabathile babakithi baya ethuneni, bakufumana kunjalo njengokuba beshilo abesifazane: kodwa yena uqobo abambonanga.*

Lalelani manje; uJesu.

*Wayesethi kubo, o nina ziwula nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke abakushilo abaprofethi:*

*UKristu ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokhu, aze angene enkazimulweni yakhe na?*

*Wayesethathela kuMose nakubaprofethi bonke, wabachasisela* bonke*, emibhalweni yonke okuqondene naye.*

*Base besondela emzaneni, ababeya kuwo: yena washaya sengathi udlulela phambili.*

*Bamncengisisa, bathi, Hlala nathi: ngokuba sekuzakuhlwa, nemini isiyadlula. Wangena wahlala nabo.*

*Kwathi, esehlezi nabo ekudleni, wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula,* uyabanika.

*Amehlo abo ayesevuleka, bamazi; wayesenyamalala kubo.*

*Bathi omunye komunye,* Izinhliziyo *yethu ibingavuthi yini phakathi kwethu, ekhuluma kithi endleleni, nalapho esivulela imibhalo na?*

*Base besuka ngasona lesosikhathi, baphindela eJerusalema, bafumana abayishumi nanye, nababenabo behlangene ndawonye,*

*Bethi, Impela iNkosi ivukile, ibonakele kuSimoni.*

*Base belanda nabo okwenzekileyo endleleni, nokuthi yaziwa kanjani yibo ekuhlephuleni isinkwa.*

12 Manje asikhuleke. Baba onomusa othandekayo, siyaKubonga ngeZwi laKho, ngokuba iZwi laKho liyiQiniso, iZwi laKho lingukuPhila. Futhi Wena, O Nkosi, neZwi laKho niMunye. Ngakho siyakhuleka kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Uzoza phakathi kwethu ngamandla okuvuka kwaKho futhi uzosikhombisa kulobubusuku, njengalabo ababevela e-Emawuse, ukuthi nathi sizobuyela emakhaya ethu, sithi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu na?" Siphe khona, Nkosi, sekuzoba yisikhathi sokuhlwa futhi. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

13 Manje ngifuna ukukhuluma maqondana naleliBhayibheli. Nendaba yami kulobubusuku, yesihloko, ithi: *Izehlakalo Zenziwe Zacaca NgesiProfetho. Izehlakalo Zenziwe Zacaca NgesiProfetho.*

14 Manje, iBhayibheli liyiNcwadi ehlukile kuzozonke ezinye izincwadi ezingcwele. IBhayibheli liyiNcwadi ehlukile. LiyiNcwadi yesiprofetho, lisho zingakenzeki izehlakalo zesikhathi esizayo. Kanti futhi LiyiSambulo sikaJesu Kristu. Kusuka le kuGenesisi kuya eSambulweni, liMkhipha esekugcwaleni kwaKhe, lokho Ayeyikho nayikhona. NeNcwadi yonke ephelele, iZambulo 1:1 kuya kwele 3, kwathi iNcwadi iyiNcwadi ye "Sambulo sikaJesu Kristu," okuyiZwi likaNkulunkulu. "ISambulo sikaJesu Kristu," iZwi likaNkulunkulu!

15 Manje, zonke ezinye izincwadi, izincwadi ezingcwele, yimigomo yesayense kuphela ephathelene nenkambo elungileyo, imigomo yobuqotho, noma imigomo yesayense yezenkolo. Into e. . .Bangaki abake bafunda iKoran, iBhayibheli likaMohamede, ne—nencwadi yo ngoBhuda, kanjalonjalo na? Yimigomo yesayense ephathelene nenkambo elungileyo nje, ukuthi abantu bafanele baphile kanjani, ukuthi bafanele baphile kanjani, kodwa ayiprofethi, ayisho lutho ngalezizinto kumbe noma ngaziphi iziphiwo ezikhethekileyo zinikwa noma ngubani, noma yini ezokwenzeka. Njengokujoyina idlangala nje kumbe into ethize. Ngakho-ke, uma amabandla efika endaweni lapho enza khona ibandla lawo libe yidlangala nje lokuba lijoyinwe, khona-ke angqubuzeka eZwini likaNkulunkulu.

16 Ngokuba iBhayibheli lingobuphilayo, ubufakazi obushiwo bungakenzeki bukaJesu Kristu. Futhi njengoba umhlaba usukhule wafika ekugcwaleni kwawo, kanti futhi nemivini ikhula ifika ekugcwaleni kwayo, usuku luyakhula lufika ekugcwaleni kwalo, iBhayibheli labonakaliswa ekugcwaleni kwaLo kuMuntu kaJesu Kristu. WayeyiZwi likaNkulunkulu elembuliwe, yonke iNcwadi ephelele yokuHlenga. IBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu, lisho izehlakalo zesikhathi esizayo zingakenzeki. Amakholwa aLo liyalwa nguMqalisi waLo ukuba alifunde futhi akholwe yilo lonke iZwi laLo, hhayi nje ingxenye yaLo. IZwi elilodwa, ukungaLikholwa,

ungavele nje uyeke ukuzama uze ukholwe leloZwi. Lonke iZwi ngokoqobo liyingxenye kaNkulunkulu uSomandla; uNkulunkulu ebonakalisiwe, kuphethela eZwini laKhe, ukuveza ukuthi UnguBani. Siyayalwa, njengamakholwa, ukuba sikholwe yilo lonke iZwi laLo. Futhi Lilotshwe nguMqalisi kaNkulunkulu uqobo lwaKhe. Akukho-muntu onganezelela noma yini kuLo noma asuse noma yini kuLo. Uma ubungakwenza, bekuyoba ngumzimba oyilumbo kaNkulunkulu. Ubuyoba njalo, mhlawumbe njengeminwe eyisithupha esandleni esisodwa, noma—noma izingalo ezintathu, noma okuthize, ukwengeza okuthize, ukususa into ethize kulo futhi ushode ngengalo eyodwa, ushode ngomunwe owodwa. KunguMzimba ophelele kaJesu Kristu. Futhi kuKristu, engowesiLisa, uMyeni, uMlobokazi umelwe kuYe futhi. Nalaba ababili baMunye. "Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi, nami Ngikini nani nikiMi." Isithombe esiphelele kanje pho!

17 Namakholwa eqiniso kuleliZwi, aLemukela ngaleyondlela, ayaLikholwa, nangokubekezela alindela izithembiso zaLo eziprofethiwe, zonke ukuba zibonakaliswe onyakeni wazo. Lonke ikholwa belisibhekisisa. Lonke ikholwa ebelimi manzonzo, libhekisisa, yilelo okwembulwa kulo.

18 Manje bukani ngezinsuku zokufika kweNkosi uJesu. Labobantu abamqondanga ngani uJohane, kanti iBhayibheli lakusho ngokusobala ngoIsaya, "Kuyobakhona izwi lomemezayo ehlane, 'Lungisani indlela yeNkosi,'"? Umprofethi wabo wokugcina ababanaye, onguMalaki 3, wathi, "Bhekani, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi ukulungisa indlela." Abakubonanga ngani na? Ngoba babebheke enye into eyayikade yenziwe, besekele imicabango yabo komunye umlayezo owawuphume ngaphambili, futhi behluleka ukubona ukuzibonakalisa kukaNkulunkulu kwamanje osukwini ababephila kulo.

19 NamaKristu, ndawo zonke, limi lapho-ke impela izwe kulobubusuku. Ngaphandle kokuphambana, lelo yiqiniso! AmaKristu, ndawo zonke, azama ukubuka emuva emigomweni ethize yesayense ephathelene nenkambo elungileyo uMnu. Luther ayibhalayo, noma uMnu. Wesley, uSankey, uFinney, uKnox, uCalvin; okungukuthi, akukho namunye wethu ongakhuluma kabi ngakho, kodwa lokho kwakungokosuku oselwadlula.

20 AbaFarisi babuka emuva ukubona ukuthi uMose wathini, futhi bathi, "SinoMose. Asazi ukuthi Wena uvelaphi."

21 Kodwa khumbulani, ngenkathi uMose elapha, babengazi ukuthi wayevelaphi. Niyabo? Futhi manje ba . . . Akumangalisi uJesu athi kubo, "Nihlobisa amathuna abaprofethi, futhi yinina enabafaka lapho." Emva kokuba uMlayezo wabo usuhambile! Kuphuma uMlayezo, abantu baWubone, bahlekisa ngaWo (kwenza izwe). Bese kuthi-ke emva kokuba isithunywa

sesiqedile noMlayezo sewenziwe, bese bakha ihlelo phezu koMlayezo. Futhi bafela lapho, khona lapho, ababe beseza ekuPhileni futhi.

22 Bukani umzuzwana nje, kwabanye benu bantu, futhi ikakhulukazi ngikhuluma kini bantu abangamaKatolika. Niyaqonda yini, senake nawufunda umlando wangempela, umlando webandla eliRoma Katolika na? Ukuthi kwabakanjani kwabenu abafela ukholo, selokhu kwaba nguAugustine oNgcwele waseHippo, ukuthi yizigidi ezingaki zabantu abangenacala ibandla elababulalayo! Ngiyakhohlwa, ngeke ngasisho isibalo esiyiso ngempela, kodwa siphezulu ezigidini, selokhu kwaba nguHippo oNgcwele wa. . . uAugustine wase Hip-. . . waseHippo, eAfrika, wenza isimemezelo sokuthi kwakuyintando kaNkulunkulu ngokoqobo ukubulala noma ubani obhikishela ibandla eliRoma Katolika. Niyaqonda yini kulokho, ukuthi uPatrick oNgcwele akazange neze aziswe kwaze kwaba semva kokufa kwakhe, njengeRoma eliKatolika na? Wabhikishela uphapha nazo zonke izenzo zakhe, nebandla eliKatolika uqobo lwalo labulala amashumi ezinkulungwane zabantwana balo. Benazi yini ukuthi ibandla eliKatolika lashisa uJoan waseArc, lowo wesifazane ongcwele omncane, ebulawelwa esigxotsheni, ngoku be-. . . bathi wayengumthakathikazi. Eminyakeni engamakhulu amabili kamuva, bamba imizimba yabapristi, ngenkathi sebethola ukuthi kwakungafanele, base bebaphosa olwandle ngaphandle kokubangcwaba emhlabathini ongcwele, ukuba benze ukuzihlawulisa.

Ningaluvumeli usuku lwedlule phezu kwamakhanda enu, futhi nibe nobuwula.

23 Ukuthi labobapristi babengathanda kanjani, kulobubusuku, ukuba bavuke, abalahla uJesu. Into kuphela, abazange basibone isibikezelo salelohora. Uma be. . . uJesu wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi," noma, njalo, "nizisho ukuthi ninokuPhila okuPhakade, nemiBhalo yiwona onitshela ukuthi NginguBani," walelohora.

24 Qaphelani, iBhayibheli lingehluleke. Yinto eyodwa eLingeke layenza, iZwi likaNkulunkulu, ukuba lehluleke, ngokuba Lisho zingakenzeki izenzo zoMqalisi waLo ngaphambi kokuba Akwenze.

25 Manje, kukhona ithuba elilodwa enkulungwaneni ukuthi umuntu angahle enze isibikezelo ukuthi enye into ethize izokwenzeka, futhi yenzeke. Kodwa-ke uma ebeka *lapho* ezokwenzeka khona, lokho kumehlisele mhlawumbe ethubeni elilodwa ezinkulungwaneni eziyishumi. Uma ethi *usuku* luzokwenzeka, lokho kukwehlisela, ethubeni elilodwa cishe esigidini. Nokuthi kuzokwenzeka *kubani,* lokho kukwehlisela ezigidigidini zamathuba.

26 Kodwa leliBhayibheli linitshela ncamashi ukuthi *ubani, nini, kuphi,* nokuthi kufanele kubhekwe *ini*, futhi alikaze lehluleke nakanye. Ngakho-ke, engxoxweni encane esikhathini esingeside esedlule, nompristi webandla leNhliziyo eBusisiweyo enhla lapha; wathi, "Mnu. Branham, uzama ukuphikisa iBhayibheli." Wathi, "Lowo ngumlando webandla."

Ngathi, "Alisiwo umlando. LinguNkulunkulu, uqobo lwaKhe, ebhaliwe."

Wathi, "UNkulunkulu usebandleni laKhe."

27 Ngathi, "UNkulunkulu useZwini. Futhi noma yini ephambene naLo, mayibe ngamanga. Ngokuba Wathi, 'IZwi laMi malibe yiqiniso nalolonke izwi lomuntu libe amanga.'"

Wathi, "Asifanele siphikisane."

28 Ngathi, "Angizange ngikucele ukuba uphikisane, kodwa iBhayibheli liyasho ukuthi, 'Wozani-ke, sithethe indaba.'"

29 Lisho izenzo zoMqalisi zingakenzeki ngaphambi kokuba Akwenze. Ngakho-ke, lisho lokho, lokho-ke kubeka wonke owesilisa nowesifazane, eNkantolo yokwaHlulelwa, ngaphandle kwezaba. Uma nithatha lokho okushiwo yiMethodisti ngaLo, okushiwo yiBaptisti ngaLo, okushiwo yiKatolika, okushiwo yiPentecostal, kumbe noma yiliphi elinye ibandla, ningahle nithole izindumalo ekwaHlulelweni. Kodwa uma nizobhekisisa nje ukuthi iBhayibheli lithi kuzokwenzekani, futhi uma kwenzeka, khona-ke nizoqonda ukuthi kwenzekani.

30 Manje, akuveli obala ngqo ukuthi bonke abantu bangakubona, ngokuba uJesu wambonga uNkulunkulu ngokukufihla emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi ezokwembulela izingane zona eziyofunda. Cabangani ngoNkulunkulu uSomandla ehlezi eZwini laKhe uQobo, enamandla ukuphuphuthekisa izicebi nabanobuso obulukhuni ne—nezifundiswa ezinkulu ezifundisiwe, uphuphuthekisa amehlo abo ukuze bangaMboni, bese evula amehlo abampofu nabangafunde lutho.

31 Qaphelani lababantu abavela e-Emawuse, Wathi ukuqonda kwabo—kwabo ngaYe kwagodlwa. Babekhuluma naYe futhi bengazi ngisho nokuthi kwakuNgubani, usuku lonke. UNkulunkulu angakwenza lokho, ngokuba UnguNkulunkulu.

32 Yilokho impela Akwenzile kulabobapristi, labobabhali, ngoba Kwakulotshiwe ukuthi Wayedingeke ukuthi enze lokho. UNkulunkulu uphuphuthekisa amehlo abo ukuze thina sibe nethuba. Qaphelani, abakwazanga ukubona, akunandaba ukuthi babe yizifundiswa ezinkulu kanjani, babengabapristi kakhulu kanjani, ukuthi babenzeni, noma kunjalo abakwazanga ukuLibona, ngoba babephuphuthekile. Ukubona kwabo ngahle ukuba kwakuphile-saka, ngokwenyama. Kodwa ukubona kwabo kokomoya!

33 Into efanayo ebengizama ukuyisho kulokhu ukusa mayelana nokuphinga kwabesifazane, begqoka ngendlela abenza ngayo manje. Bayiziphingikazi. ENcwadini kaNkulunkulu banecala lokuphinga ngaso sonke isikhathi abembatha ngaso izingubo ezibukeka zikhanukisa. Umphefumulo wabo, bengakwazi. Ngikholwa ukuthi labo besifazane, abaningi babo, izinkulungwane zabo, abanacala, futhi bangephinge nhlobo. Nabesifazane abampofu, nomunye umuntu ozobayeka baziqhubekele nakho, ngaphandle kokukudalula nokukhuluma iqiniso, bayaphinga. Okungukuthi, iBhayibheli lathi, “Isifebekazi esasihlezi phezu kwamanzi amaningi, ukuthi onke amakhosi omhlaba nabantu bomhlaba, amabandla kanjalonjalo, baphingile ngokomoya naso. Futhi sasingu NINA WEZIFEBE,” amahlelo.

34 Sibhekisisa iBhayibheli, ngokuba uNkulunkulu akasishiyi ebumnyameni. Wathumela iBhayibheli ukusitshela izehlakalo zingakenzeki ngaphambi kokuba zenzeke, nayo impela imvelo nesikhathi eziyofika ngaso.

35 Manje, kunjengento efana nokubheka ekhalendeni ukubona ukuthi olwesingaki. Uma ucabanga, uthi lolu ngabe lona nguMgqibelo, iSonto, olwesingaki na? Bheka ekhalendeni. Ikhalenda lizokutshela ukuthi olwesingaki. Uma nibona ukwenza kwabantu, mhlawumbe uye esontweni, ubona i—i . . . uzwe izinsimbi zikhala, uyamangala ukuthi olwesingaki. Bheka ekhalendeni, izokutshela ukuthi olwesingaki.

36 Futhi uma nibona ibandla liba yizwe, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zaseSodoma, nibona ibandla lezwe onke engena e . . . likhonza “unkulunkulu walonyaka omubi,” futhi nibona lokho; bese-ke nibona iqembu eliyingcosana ngesibalo elincane libuthene ngaphansi kokuphefumulela kukaNkulunkulu, liveza futhi ukuPhila kukaJesu Kristu, ngemiBhalo okufanele kwenzeke, niyazi ukuthi hora lini eniphila kulo.

37 LeliBhayibheli lisho kungakenzeki, ngesiprofetho, ukuthi suku luni esiphila kulo, nokuthi sikhathi sini esiphila kuso, nokuthi hlobo luni lwezehlakalo ezifanele zenzeke. Lisisho kungakenzeki khona impela ncamashi ngakho konke, futhi alikaze ligeje nowodwa unyaka, ngaso sonke isikhathi. Akukaze nakanye likugeje, futhi lingeke, ngokuba kulabo abamiselwe ngaphambili ukuba bakubone bazokubona. UJesu wathi, “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi, nakho konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyakuza.” YiZwi lijoyinana neZwi. Akukho okunye eLingakwenza. Siyakwazi lokho, usuku esiphila kulo.

38 Kodwa njengoba bekunjalo kuyoyonke iminyaka, abantu bavumela umuntu afake ukuhumusha okungokwakhe kuleliZwi, futhi ababangele ukuba baphuphuthekiswe esehlakalweni esenzekayo. Into efanayo okuyenzile ngabaFarisi nabaSadusi. Ngisho nangenkathi uPawulu ema lapho futhi

wazama ukucaphuna umBhalo, nenye indoda yammukula ebusweni ngoba wabiza umpristi omkhulu ngodonga olucakiweyo. Base-ke begeja ukubona uNkulunkulu eqinisa iZwi laKhe eliprofethiweyo.

39 Niyabo, iBhayibheli aLiziphikisi; iBhayibheli linguNkulunkulu. Akukho ukuphikisana kuNkulunkulu; Uphelele.

40 Kodwa abantu, ngokuhumusha okungokwabo! Manje qaphelani, ake nginikhombise, bangane. Amabandla angeke avumelana wona uqobo ngokuhunyushwa kwaLo. IMethodisi ngeke yavumelana neBaptisti, iBaptisiti nePresbyterian, iPresbyterian namaPentecostal. Futhi cishe nanezinhlangano ezingamashumi amane zePentecoste, azikwazi ukuvumelana. Ngakho niyabo, lelo bekungaba yiBabiloni futhi, kudidana.

41 Kodwa uNkulunkulu wenza ukuhumusha okungokwaKhe uQobo kweZwi laKhe. Wethembisa lento, bese-ke eyayenza qobo lwaKhe. Unikeza, qobo lwaKhe, ukuhunyushwa kwalo, ngoba Uzenza Yena aziwe ngalelohora. Usuhambe waqhubeka kakhulu kangakanani u—uMzimba kaKristu, usuka ezinyaweni uya ekhanda!

42 Qaphelani, manje-ke yingalesosizathu ukuthi lababantu behluleka ukukuthola, ngoba balalela lokho okushiwo ngomuny'umuntu ngaLo, esikhundleni sokufunda iZwi njengoba uJesu abatshela ukuthi bakwenze, "Futhi YiYo efakaza ngaMi. Hlolani imiBhalo, kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi." Ngamany'amazwi, lalelani, "Ini? Fundani imiBhalo futhi nibone ukuthi uMesiya wayefanele enzeni. Nibone ukuthi sikhathi sini uMesiya ayefanele afike ngaso. Nibuke ukuthi ubani owayezokwandulela uMesiya. Bukani ihora. Kuzoba khona izwi lomemezayo ehlane, uJohane. Futhi nenze kuye khona impela enanikuthanda. Bukani ukuthi Ngangifanele ngenzeni ngenkathi Ngifika. Futhi manje nenzeni na? Ngabe Ngehlulekile ukuhlangabezana naLokhu na?" Niyabo, uJesu ekhuluma, "Ngabe Ngehlulekile ukuhlangabezana naLokhu na?"

43 Qaphelani, njengoba sehla sedlula emiBhalweni kulentambama, ukuthi kwenzeka kanjani nje ncamashi konke lokho okwakuprofethwe ngaYe ngayo impela indlela okwakufanele kwenzeke ngayo. Babefanele basazi lesisehlakalo. "Loluhlanya, insizwa esikhulisiwe, cishe inamashumi amathathu-nantathu eminyaka ubudala futhi. . .noma amashumi amathathu eminyaka ubudala, futhi yehlela lapho futhi yasho ngazo zonke izinhlobo zeziNkanyiso, namaJuba enyuka. Futhi, ngani, nje kwakuyi—yihlazo nje." Bathi, "Wazalwa nabazali besihlahla, bezisho ukuthi Wazalwa ngokuzalwa yintombi."

44 Babengafanele yini bazi ukuthi uIsaya wathi, kuIsaya 9:6, "Sizalelwe umntwana na"? Babengafanele yini ukwazi futhi ukuthi umprofethi uIsaya wathi, "Intombi iyokhulelwa"? Babefanele engabe babezazi lezizinto. Kodwa, niyabo, into kukho kwakuyile, babekusebenzisa ndawondawo le ngaphambili. NaloMuntu, kubo, akahlangabezananga nencasiselo. Kodwa Wababuza, "Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade, futhi Yiyo impela into efakaza eMlayezweni waMi." Hhayi lokho okwashiwo abanye osiyazi bezenkolo; kodwa lokho uNkulunkulu, iZwi laKhe uQobo, athi liyokwenzeka! Amen!

45 Ngakho kunjalo namanje! Hlolani imiBhalo, ngokuba YiYo ositshela ncamashi ihora esiphila kulo, esitshela ncamashi ukuthi kuzokwenzekani ngalolusuku. YiYo enifanele nethembele kuyo, ngokuba YiYo ofakaza ngoMuntu kaJesu Kristu. Ngokuba iBhayibheli lasho ukuthi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade," ngoba Uyisambulo seZwi onyakeni. Ngeke kwababikho kwehluka.

46 Ngakho-ke ngokulalela ukuhumusha komuntu, babona ukuqiniswa kweZwi likaNkulunkulu kugcwaliseka, bayehluleka ukuLibona. Ngoba, kuqhubeka ngaso sonke isikhathi, kodwa ngoba balalela . . . NoJesu wathi, "Bangabaholi abayizimpumputhe." Futhi uma impumputhe ihola impumputhe, kwenzekani kuzo na? Manje khumbulani, iBhayibheli labikezela ukuthi lonyaka wobufundisi waloNyaka waseLawodikeya wawuphuphuthekile. BabeMbeke ngaphandle kwebandla. Awukho omunye unyaka, omunye unyaka webandla, ukuthi uJesu wayengaphandle ngawo. Kodwa unyaka webandla laseLawodikeya, Wayengaphandle, ezama ukubuyela angene, "Ngimi emnyango ngingqongqotha." Ufanele ngabe ungaphakathi. Kodwa Wathi, "Ngoba uthi 'Ngicebile, nginempahla eningi, angisweli lutho,' kanti awazi, awazi ukuthi uphuphuthekile, uhola impumputhe, umpofu emoyeni, ulusizi, owokuhawukelwa, uhamba-ze, kanti kawazi." Enje i con- . . . Uma indoda ibihamba-ze emgwaqeni, ilusizi, iphuphuthekile, futhi yazi ukuthi ibinengqondo ngokwenele ukuthi ubungayitshela ukuthi ibihamba-ze, ibiyozama ukwenza okuthize ngakho. Kodwa uma inikina ikhanda layo, ithi, "Ngeke ngibenaLo. Ungubani wena ozotshela mina ukuthi angenzeni? Ngiyazi lapho engimi khona." Manje, uma leso kungesiso isimo esidabukisayo, angazi. Futhi yilokho impela uNkulunkulu waleliBhayibheli asho ukuthi ibandla liyoba kuso, kulonyaka omubi khona manje, onyakeni webandla wokugcina lapho esiphila khona.

47 Qaphelani, kodwa kubantu, "Bonke eNgibathandayo, Ngiyabasola." Manje, uma usolwa yiNkosi, ngalokho okwenzayo, phuma-ke kukho! Suka kukho. "Bonke eNgibathandayo, Ngiyabasola."

48 Manje, sibona uNkulunkulu, manje, ukuba-ke labobaFarisi babethe, “Awulinde kancane. LowoMuntu usinike inselele ngempela, Uthe, ‘Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade; Ifakaza ngaMi.’ Kungcono ukuba ngibheke emuva emiBhalweni futhi ngithole ukuthi Ufanele ukwenzani, UnguBani, yini efanele yenzeke. Ngifanele ngibheke emuva bese ngithola”? Esikhundleni salokho, baya kubapristi base bebabuza, “Kwenziwenjani ngaLo na?” Niyawubona umehluko na? Babefanele ukuba babefunda iZwi.

49 KumaHeberu 1:1, iBhayibheli lathi, “UNkulunkulu, endulo,” okungukuthi, “ezikhathini zakudala nangezindlela eziningi waloba iBhayibheli ngabaprofethi.” Manje qaphelani, Waloba iBhayibheli ngendlela yaKhe uQobo ayikhethile. Niyabo? Manje, Wayengadinge kuLiloba ngaleyondlela, kanjalo Wayengadinge ukusindisa umuntu ngeGazi. Wayengadinge kushumayela iVangeli ngomuntu; Wayengadedela ilanga noma inyanga noma izinkanyezi zishumayele iVangeli, Wayengadedela imimoya evunguzayo ihamishe iVangeli. Kodwa Wakhetha umuntu! Futhi Wakhetha indlela iZwi laKhe eleza ngayo, futhi leyo yayingabaprofethi baKhe ababemiselwe ngaphambili futhi baziwa phakade, ngokuba yingxenye yeZwi likaNkulunkulu, bememezela isambulo seZwi laKhe kulowonyaka nalesosikhathi. “Ngokuba iZwi likaNkulunkulu leza kubaprofethi bodwa.” ALizi neze kusiyazi wezenkolo. Ngikhombise umBhalo. Liza kuphela ngabaprofethi. UNkulunkulu angeqambe amanga. Ngakho uNkulunkulu waloba iBhayibheli ngesu elikhethwe nguYe, nabaprofethi abakhethwe nguYe uQobo; hhayi abaprofethi abakhethwe ngumuntu, kodwa abaprofethi ababekhethwe nguNkulunkulu.

50 Manje-ke amakholwa alo abheke ukugcwaliseka kwalokho okwashiwo ngumprofethi wabo, nalokho kuyinkomba yokuthi bangababprofethi bakaNkulunkulu. Ngoba, kuqala, baphefumulelwe. Okulandelayo, bahlala impela neZwi lehora. Manje-ke lezo yizincwadi zakhe ezimchazayo. Niyabo, sedlula kukho ngeSonto eledlule. Kuyovela abaprofethi bamanga abaningi. Futhi sinikeza imifanekiso ngokwenza ukuthi uBalamu noMose bobabili begcotshwe ngoMoya ofanayo, omunye wabo wathi, “Sonke simunye. Asize sijoyine, sihlanganisa amantombazane ethu nabo bonke ndawonye. Sinamantombazane abukeka kahle ngapha, nani bafana wozani ngapha bese nizithathela umfazi omuhle. Lokho kulungile, sonke singabantu abamunye, empeleni, isizwe esifanayo.” UNkulunkulu akazange abathethelele ngakho. Balalela lokho.

51 Niyabo, izwe naba—bantu babheke upotsho omncane othize, indawo ethize encane yokwedlula, indlela ethize encane enqamulelayo, kodwa azikho izindlela ezinqamulelayo eZwini likaNkulunkulu. Yinye kuphela iPhethini. Ufanele uzisike wena ukuze wenele leyoPhethini, ungazami ukusika iPhethini ukuba

yenele wena. Wonke umuntu ufanele enze lokho. Yileyondlela kuphela uNkulunkulu anayo yokukwenza.

52 Qaphelani manje, amakholwa alindela leloZwi ukuba liqiniswe. Niyabo, Alilotshwanga ngumuntu, kodwa yiNkosi uNkulunkulu, ngakho-ke Alisiyo incwadi yomuntu.

53 Omunye wathi, "Liyimibhalo emidala nje yamaHeberu." AmaHeberu ayengayibhala yini iletha eyayisola wona uqobo na? Ngabe lesosizwe esihle samaJuda, esizaziyo nesipholishekile, ngabe ayengabubhala ububi bawo uqobo, ezisola wona uqobo na? Impela ngeke. Lisho izono zalo uqobo, ukuthi aya kanjani ekuphingeni, ukuthi aphinga kanjani neZwi likaNkulunkulu na? Qhabo, qhabo. Ayengeke neze akusho lokho, lesosizwe esiziqhenyayo.

54 Alisiyo incwadi yomuntu. LiyiNcwadi kaNkulunkulu. Nomuntu obona imibono noma ezwe iPhimbo likaNkulunkulu, akazange awuqonde (izikhathi eziningi) bona uqobo, ezehlakalweni eziningi. Niyabo? Umuntu akalilobanga iBhayibheli. UNkulunkulu waloba iBhayibheli. Alisiyo—alisiyo incwadi yomuntu. LiyiNcwadi kaNkulunkulu. Liyimicabango kaNkulunkulu ezwakaliswe ngezindebe zomuntu. Yilokho okuLenza libe yiBhayibheli. Umcabango ozwakalisiwe uyizwi. Futhi ekuqaleni kwakungumcabango kaNkulunkulu, WaWuzwakalisa ngezindebe zabaprofethi baKhe futhi waLiqinisa ngezinceku zaKhe. Niyabo? Qaphelani.

55 UNkulunkulu wenza ukukhetha kwaKhe uQobo, ngokumisela ngaphambili, wakhetha abaprofethi bayo yonke iminyaka. Kuqapheleni. Ulungisa imvelo yalowomprofethi ukuba ifithe lowonyaka. Niyabo, Ufitha istayela sakhe, noma yini ayenzayo. Uyamfitha noma ngabe ufundisiwe noma akafundisiwe. Ufitha iziphiwo, indlela azoshumayela ekuyo, iziphiwo azoba nazo. NoMlayezo walowonyaka othize, uNkulunkulu wayimisela ngaphambili leyonto ethize ukuba yenzeke futhi ayikho enye into engathatha indawo yayo. Khathal'noma ngabe yini, ukuthi zingaki izimpumelelo ezenziwe ngumuntu, akukho okungathatha indawo yakho. Wamisela ngaphambili umuntu mhlawumbe umuntu ongafundile. Angahle ukuba waMmisela ngaphambili olunye uhlobo lomuntu. Noma ngabe uyini, Umnika iklasi lakhe, iziphiwo zakhe—zakhe, umnika imvelo yakhe, isitayela sakhe, futhi noma ngabe kuyini, ukuthi uzizwakalisa kanjani, nanoma yini ayenzayo. Wenza umuntu wehora ukuba abambe abantu behora. Kunjalo. Uyakwenza.

56 Ekupheleni konyaka ngamunye, lapho ibandla seliphendukele ezweni nasesonweni, futhi lencike ekuhunyushweni kweZwi ngumuntu. Njengoba kwakuba njalo, babehlala njalo, ekupheleni konyaka, bangene engxovangxoveni enjalo ngosiyazi babo bezenkolo nabapristi sekuze kuhlala njalo kuyingxovangxova. Njalo ukuhumusha kwabo kuyiphutha,

akukaze nakanye kwehluleke ukuthi kuyiphutha. Futhi alikaze nakanye iZwi likaNkulunkulu like lehluleke ukuthi liqinisile. Yilowo umehluko.

57 Manje niyabo, uNkulunkulu waloba iBhayibheli, qobo lwaKhe. Manje, uNkulunkulu uyakwazi ukukhuluma. UMose wathi Wakhuluma kuye. UJeremiya wathi, "Wafaka amaZwi emlonyeni wami." Futhi uNkulunkulu uyakwazi ukubhala. Wabhala imithetho eyishumi ngomunwe waKhe uQobo. Wabhala ezindongeni zaseBabiloni. Futhi, khumbulani, ngeTestamente eLidala lodwa, izikhathi eziphindwe kazinkulungwane ezimbili abaprofethi bathi, "ISHO KANJE INKOSI!" UNkulunkulu uyakwazi ukukhuluma, uNkulunkulu uyakwazi ukubhala. Impela. Cishe impela amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye kaMathewu, uMarku, uLuka, noJohane, yiwo impela amaZwi kaNkulunkulu uqobo lwaKhe, uJesu Kristu ekhuluma. Ngakho, uma uNkulunkulu ekwazi ukubhala, uma uNkulunkulu ekwazi ukufunda, uma uNkulunkulu ekwazi ukukhuluma, Angebangele yini abanye ukuba benze okufanayo na? Akashongo yini kuMose ukuthi, "Ngubani owenza isimungulu, noma ngubani omnika ukuba akhulume na?" UNkulunkulu waloba iBhayibheli ngabaprofethi, indlela yaKhe yokukwenza.

58 Manje ngaso sonke isikhathi uma ibandla lixubana (futhi uNkulunkulu wayazi ngaphambili ukuthi babezokwenza, ngokuba Wayazi ngaphambili yonke into), ngakhoke Unomprofethi waKhe othize oselungele lowonyaka, ukubiza ukukhetha kwaKhe ngeZwi laKhe eliqinisekisiwe lezibonakaliso nezimangaliso, nokuqiniswa kweZwi laKhe, "eqinisa iZwi ngezibonakaliso ezilandelayo," njengoba Ethembisa. Unika ukuhumusha kwangempela emva kokuba umprofethi uqobo lwakhe eseqinisekisiwe.

59 Bonke ngaphandle kwalabo, abakhethiwe athunyelwe kubo, bayamzonda. Manje, hlolani zonke izenzeko futhi nibone ukuthi lokho kunjalo noma qha. Yilabo kuphela Ayethunyelwe kubo! "Weza kwabaKhe uQobo nabaKhe uQobo abaMemukelanga; kodwa bonke abaMemukelayo, Wabapha amandla ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu." Qaphelani, qha . . . konke ukuhlola kweZwi, kuso sonke isenzeko, nasekupheleni kwayoyonke iminyaka noma uvuthwondaba noma umgamanxo, njengoba ngashumayela ngakho izikhathi eziningi.

60 Bukani onyakeni kaNowa, ovuthwondabeni ngaphambi kokwahlulelwa. Kwenzekani na? UNowa, kwakungumndeni wakhe uqobo kuphela owamkholwayo umuntu. Bonke abanye babo bamgxeka. Futhi wabhubhisa umhlaba wonke.

61 Ngezinsuku zika-Abrahama, yiqembu lika-Abrahama kuphela elakholwayo. Ngenkathi izingelosi zihamba futhi zashumayela, nguLoti kuphela nomkakhe namadodakazi

amabili abaphumayo, futhi wabheka emuva waba yinsika kasawoti.

62 Ngezinsuku zikaMose, ngabakhethiweyo kuphela bakwaIsrayeli abaphumayo. NoFaro wamzonda.

63 Ngezinsuku zikaElija, yonke into (cishe impela) kodwa indoda eyizinkulungwane eziyisikhombisa, bonke bamzonda, isizwe sonke.

64 Ngezinsuku zikaJeremiya, ngani, bamjikijela ngesithelo esingavuthiwe, futhi bambiza ngohlanya, ngoba walala ngohlangothi lwakhe izinsuku eziningi kangako, nangolunye uhlangothi, futhi—futhi wayethathe izinto wenza imifanekiso. Bamzonda.

65 UIsaya umprofethi, wasilahla ngecala lesosizwe kakhulu ngangokuthi baze bamsaha ngesaha bamehlukanisa kabili. Kunjalo.

66 UJohane umBhaphathizi. "Wayeyindoda yasendle ezansi lapho, uhlanya oluthize olumemezayo."

Bonke ngaphandle—ngaphandle kwalabo bafundi abayisa kuJesu Kristu njengebandla! Nakho-ke. UJohane wenza abantu balungiselela. Wayenabangaki na? Wawungababala ngeminwe yomibili. . .ngezandla zombili, iminwe yakho, ukuthi bangaki uJohane abayisa kuJesu ngenkathi Efika. Manje, kuthiwani-ke ngokuFika kwaKhe kwesibili na? Kucabangeni.

67 Kodwa ngenkathi amakholwa angempela eBhayibheli ebona iZwi liqinisekiswe ngokuvuleke kakhulu lonyaka, ayakholwa. Ayikho indlela yokuwavimbela kuLo, ayaLikholwa. Aze ngisho aphawule ubufakazi bawo ngegazi lawo. AyaLikholwa. Manje-ke khona kukuwo, omiselwe ngaphambili, lowo owalowonyaka othize obonayo futhi akholwe.

68 Abanye nje abakwazi ukuLibona; baphuphuthekile. Manje, wena uthi, "Abakwazi ukuLibona." Manje, njengoBalamu, kungani uBalamu engakwazanga ukulibona Lelo na? Wayengumprofethi, ogcotshiweyo. Kungani uFaro engakwazanga ukuLibona na? Lapho ebone isandla sikaNkulunkulu sehla futhi senza izimangaliso phakathi lapho, kuphela kwenza l'khuni inhliziyo yakhe. Ngabe kunjalo na? UDathani kungani engaLibonanga, umJuda uqobo na? Khona phandle lapho, wayedabule oLwandle oluBomvu, futhi udla imana ubusuku nobusuku, eyehla iyintsha, futhi noma kunjalo akakwazanga ukuLibona. AkaLibonanga ngani uKora na? AkaLibonanga ngani uKayafase na? Wayeyindoda eyinhloko yezenkolo yezwe ngalesosikhathi. Akabonanga ngani ukuthi lowo kwakunguMesiya na? UJuda akaLibonanga ngani na? UJuda wayenabo ngqo, ehamba nabo, enza izimangaliso nabo. Kodwa iZwi lalifanele ligcwaliseke. IBhayibheli lithi bavuselwa ukuthatha leyondawo. Bavuselwa leyonhloso. Lelo yiqiniso. AmaRoma 8 asho lokho.

69 Manje amakholwa ayakwazi ukubona iZwi ukuthi lenziwa inyama esizukulwaneni sawo, uNkulunkulu ekhuluma. Manje, lawomakholwa eqiniso ngempela, lezozinkulungwane eziyisikhombisa (noma ngabe kwakungamakhulu ayisikhombisa na?) ngezinsuku zikaElija. Izinkulungwane eziyisikhombisa yizona. Ngezinsuku zikaElija, kwakuyindoda eyizinkulungwane eziyisikhombisa ezigidini ezithi azibe mbili noma ezintathu, ezabonayo ukuthi Lelo laliqinisile. Kungesikho ngisho okwekhulu labantu, cishe impela. Kodwa abona ukuthi Laliqinisile. Abona uNkulunkulu ebonakaliswa. Lowomfelokazi omdala uElisha athunyelwa kuye, wahamba ukuyotheza lezozinkuni, ukwenza iqebelengwane, futhi lenele nje ukuba enze iqebelengwane lakhe nendodana yakhe, bese eyafa. Kodwa bhekisisani uElija, wathi, "Ngenzele elilodwa, kuqala. Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI, imbiza ayikwehluleka kanjalo nophiso aluyikoma kuze kube lusuku iNkosi uNkulunkulu ethumela ngalo imvula emhlabeni." Akukho-mbuzo, wasuka khona lapho ukuba ayokwenza iqebelengwana futhi alinike yena. Wathi, "Yenza elami kuqala, bese-ke uyahamba wenzele wena elilodwa nendodana yakho." Ngokuba, wayizwa leyondoda, wase eyibuka; wayeyimbewu eyayimiselwe ngaphambili.

70 Abaningi babo bathi, "Nango lowo omdala ongahlahlile ekhanda futhi. UNkulunkulu usiqalekisile ngenxa yakhe," khumbulani, uElija. Wathi, "Nguwe okhathaza uIsrayeli."

71 Wathi, "Nguwe okhathaze uIsrayeli." Niyabona ukuthi ubani uNkulunkulu . . . Wayeqinisekisa iZwi likaBani na? IZwi laKhe uQobo.

72 Manje iBhayibheli lithi bavuselwa lenhloso, kodwa ngenkathi . . . o—ongakholwa. Kodwa manje lapho ikholwa leqiniso lingahle likwazi ukubona iZwi lalowonyaka lenziwe inyama, uNkulunkulu ekhuluma ngezindebe zomuntu bese-ke enza khona impela Athi Uyokwenza, lokho kuxazulula konke!

73 Manje bhekisisani konke okwakho. Ningabhekisisi izibonakaliso. Uma nibhekisisa izibonakaliso, niyokwenziwa iziwula njengezwe impela. Abaprofethi bamanga bayosukuma futhi babonise izibonakaliso nezimangaliso eziyodukisa abakhethiweyo uma kwakungenzeka. Bhekisisani iZwi. Bukani lababapristi, lababaprofethi, umprofethi ongumHeberu emi lapho. UZedekiya nezimpondo ezinkulukazi ezimbili, futhi ethi, "Ngingumprofethi kaNkulunkulu ogcotshiweyo." Yiqiniso. "Nginamakhulu amathathu namashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye khona lapha kanye nami, noMoya oNgcwele uphezu kwethu, uqinisa futhi usho ukuthi lelozwe lingelethu. Asenyuke silithathe. Futhi ngalezizimpondo, Ahabi, uyoqhubukusha isitha sisuke emhlabathini wethu, ngokuba uNkulunkulu wasinika umhlabathi."

74 Bhekisisani leyondoda enenkolo, indoda elungileyo, uJehoshafati, wathi, "Anisenaye omunye futhi na?"

75 "Omunye futhi na? Kukhona amakhulu amane asekuvumelaneni!" Wathi, "Yebo, usekhona omunye futhi khona lapha, kodwa ngiyamzonda." Wathi, "Uhlala njalo esimpongolozela thina sonke futhi esitshela ukuthi siyizoni ezinkulu kanjani, nakho konke." Uthi, "Ngiyamzonda! Yena, unguMikaya, indodana kaImla."

76 Wathi, "O, inkosi mayingasho njalo. Hamba umlande futhi sizwe ukuthi utheni."

77 Ngakho bamehlisela lapho. Wathi, "Nginikeni lobubusuku futhi ngizobona ukuthi iNkosi ithini ngakho."

78 UAhabi wathi, "Ngiyakufungisa, ungangitsheli lutho kepha iqiniso."

79 Nendoda iyafika, yathi, "Manje, uma ufuna ukubuyela enhlanganyelweni enhle, shono nje njengabo bonke abanye."

UMikaya wathi, "Ngizosho nje lokho uNkulunkulu akushoyo." Niyabo?

80 Ngakusasa ekuseni, bayaphuma. Amakhosi embatha izingubo zawo, ahlala esangweni, bonke abantu abadumileyo. Umprofethi emi lapho. Wathi, "Manje, luhlanya, uthini ngakho na?"

81 Wathi, "Khuphukani." Wathi, "Kodwa ngibone uIsrayeli ehlakazekile njengezimvu ezingenamelusi."

82 Wa sma- . . . wathatha isandla sakhe wammukula emlonyeni. Umprofethi wamukula umprofethi emlonyeni. Manje, bobabili labobaprofethi abagcotshiwe bemi lapho, beprofetha, amakhulu amane emelene noyedwa, lokho kwakubukeka kuqinaqinile. Manje, esixukwini sabeluleki akuphephile njalo. Kuya ngokuthi kukuphi lapho aba . . . ukuthi beluleka ngani, ukuthi iseluleko sabo siyini. Kwakungekho ukuphepha lapho ngenkosi, futhi yathatha lesosixuku ngokuthi ukweluleka kwabo kwakuqinisile. Kodwa ukuba yayimile nje futhi yaphenya ngemuva umbhalo ogoqwayo futhi yabheka ukuthi uElija wayesanda kuthini.

83 Kwase kuthi, uMikaya akashongo lutho, wayengazi, ukuthi ngabe uNkulunkulu wayithethelela yini ngakho. Kodwa kuqala, engumprofethi, waya kuNkulunkulu ukuba ayothola ukuthi uNkulunkulu wathini. Futhi wathola ukuthi uNkulunkulu wathini. Wathi, "Ngabona uNkulunkulu ehlezi esihlalweni sobukhosi, futhi Wathi . . . wayenabo bonke abeluleki baKhe baseZulwini bebuthene beMzungezile, wathi, 'Ubani esiNgamthola ukuba ehle futhi abangele uAhabi ukuba aphumele lapha, ukuze Sikwazi ukuthi ngandlela thize Sigcwalise isiprofetho esenziwa ngaye?'"

84 Niyabo, isiprofetho, uElija wayesevele eshilo ukuthi, "Izinja ziyoxhapha igazi lakho."

85 Futhi ngakho wathi u "bone umoya wamanga wenyuka uvela ngaphansi, wenyuka, wenyukela phambi kwaKhe, wathi,

'Ngizokwehla bese ngingena kubaprofethi bakhe, abaprofethi baka-Ahabi, futhi ngibabangele ukuba baprofethe amanga.'"

86 Manje, uNkulunkulu wayazi ukuthi labo umuntu wayezikhukhumeze kakhulu futhi egcwele isayense yezenkolo ngangokuthi babecabanga ukuthi babenayo yonke into ikahle. Babengazange baliqaphele iZwi lehora. Ngakho uNkulunkulu wathi, "Uzophumelela; qhubeka wehle." Futhi ngenkathi uMikaya esho lokho, lokho kwabenza baprofethe phansi komoya wamanga. Babeyodoncula iplaki kutelefoni, noma bavale umsakazo, noma benze noma yini; bekuzwa Lokho kuza kumelana nabo, basukume baphume. Kodwa bukani ukuthi kwenzekani. Manje, uMikaya wadingeka awuhlole umbono wakhe neZwi elilotshiwe, ngakho-ke wazi.

87 Wathi, "Uma sengifika . . . Fakani lowomuntu etilongweni, nimnike amanzi okuhlupheka nesinkwa sokuhlupheka. Uma sengibuya, ngizobhekana naye."

88 Wathi, "Uma ubuya nokubuya, kobe uNkulunkulu akazange akhulume kimi.' Kulapho azi khona ukuthi umbono wakhe uhambisana ncamashi nalo lonke iZwi lalelohora. Kwakuyisikhathi sika-Ahabi.

89 Mfowethu, dadewethu, yileli ihora nesikhathi sokubizelwa ngaphandle kweBabiloni. IziNkanyiso zakusihlwa sezilapha. Hambani ekuKhanyeni kusenokukhanya. Qaphelani, amakholwa alibona iZwi libonakaliswa futhi ayaLikholwa. UJesu wathi, "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi, iZwi laMi, izibonakaliso zaMi zonyaka. Owamanga angeke zimlandele."

90 Manje asingene endikimbeni yethu, ngoba ngiyabona ngizodeda. Ngifuna ukugcizelela kulowomugqa womkhuleko inqwaba. Asibuyele endikimbeni manje esinayo esiyinakileyo, lapha umzuzu. Awu, kuzokwenzeka futhi njengoba kwakwenzeka njalo, njengokwejwayelekile.

91 UNkulunkulu wathuma umprofethi waKhe, uJohane, njengoba iZwi laKhe lalishilo, lethenjiswa kuMalaki 3, "Bhekani, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela." UJohane wafakaza into efanayo. Kanti siyathola futhi, kuIsaya 40:3, ukuthi uIsaya wathi, "Kuyobakhona izwi lomprofethi, omemezayo ehlane, 'Lungisani indlela yeNkosi.'" Niyabo? Zonke lezoziprofetho! Futhi—futhi bukani, qaphelani ngokushesha, umBhalo wamkhomba.

Ngenkathi bethi, "Ungubani wena na? UnguMesiya na?"

Wathi, "Angisuye."

"UnguJeremiya na? Abaprofethi, noma ungomunye wabo na?

92 Wathi, "Angisuye. Kodwa ngiyizwi lomemezayo ehlane, njengoba kusho umprofethi uIsaya."

93 Nicabanga ukuthi babengakukholwa lokho na? Qhabo, mnumzane. Ngani na? Akafikanga ngebandla labo. Wayengesuye owelabo . . . Niyabo, waya ehlane eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, futhi uphuma esenamashumi amathathu. Umlayezo wakhe wawumkhulu kakhulu ukuba wedlule esikoleni sesayense yezenkolo; kwakunguye owayezokwethula u—uMesiya. Futhi wonke umuntu wayezomdonsela *ngapha* na *ngapho*. NoNkulunkulu wamthumela ehlane, emva kokufa kukayise, uZakariya. Futhi wayengumpristi, kodwa akazange alandele ulayini kayise.

94 Isizathu, abaprofethi abaveli ezintweni ezinjengalokho. Bavela emazweni amigoxigoxi, ihlane. Akukho-muntu owaziyo ukuthi bavelaphi, noma bavuka kanjani enkundleni, noma yimuphi womlando wabo. Bavele baphume nje futhi bashumayele iZwi, noNkulunkulu asuke abathathe, bese besuka bahambe; basilahle ngecala lesosizukulwane, bese beqhubeka bangene eZwini laKhe, belindele usuku olukhulu.

95 Ibandla alimkholwanga, ngoba wayengaziwa yibo. Babengenarekhode lakhe lokugcotshwa kwakhe emabhukwini abo, ngakho-ke bamala. Niyabo, abalikholwanga iZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe, ngokusobala, iletha ngeletha. Niyabo? UMalaki 3, imiBhalo emibili ukumqinisekisa, uMalaki 3 noIsaya 40:3. Niyabo, yomibili leyomiBhalo yayikhuluma ngomuntu eza, elungisa indlela yeNkosi. Wahlangabezana nazo zonke izincasiselo zakho.

96 Wayezofanele abe ngumprofethi. "Ngiyothuma kini uElisha." Futhi wayelapho, ngazo zonke izindlela ezimigoxigoxi. Bhekisisani ukuthi imvelo yakhe yahlangana kanjani-thaqa noElija. UElija wayeyindoda yasehlane, wayenjalo noJohane; ezangaphandle. Wayengesiyo indoda esulekile, wayeyindoda emahlikihliki.

97 Qaphelani futhi, uElija wayengozonda abesifazane, watshela uJezibele ngawo wonke upende wakhe, nokuthi ehle enyuke kuphi. Wayenjalo noJohane. UJezibele wazama ukubulala uElija, wafunga onkulunkulu bakhe ukuthi wayezomnquma ikhanda lakhe. Wenzenjalo noHerodiya. Niyabo?

98 Njalo bhekisisani umlayezo wabo, bhekisisani ukuthi benzani. Manje sithola ukuthi ukuba babebuke emuva futhi babona ukuthi iBhayibheli lalitheni, futhi babhekisisa imvelo yendoda nokuthi yayisesikhathini ngokuphelele kanjani nemiBhalo nakho konke, babefanele bazi ukuthi kwakuyiyo. Cishe uhhafu wedazini wawukwazi. Kunjalo. Abekho ngaphezu kukahhafu wedazini abakuqondayo. Bahamba ukuyomuzwa, kodwa abaLikholwanga. Niyabo? Ngani na? Abayikholwanga inkomba yesiprofetho ehoreni labo.

99 Qaphelani, bamhleka, bembiza ngo "hlanya olumemezayo, lwasendle, olungafundisiwe lungenakufunda esikoleni, 'hit,

hain't, tote, thwala, landa,' kanjalonjalo." Njengokuvamisile bamehlulela ngemfundo yakhe. Bamehlulela ngendlela yakhe yokukhulunywa nokubhalwa kolwimi, ngendlela ayegqoka ngayo. Wayenesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso, efake nebhande lesikhumba, wayenobuhwanqa yonke indawo. Ehamba phandle emanzini; kungekho-bandla, kungekho-bhentshi lasesontweni, kungekho-bambiswano; abakwazanga ukukwemukela lokho; babekhonza unkulunkulu wezwe. Niyabo?

100 Angiqondile ukuthi manje akusekho baprofethi bamanga ophumayo, njengoJambre noJane. Kodwa indlela enifuna ukwenza ngayo, ingukuthi hlola umlayezo wasekuqaleni ngeZwi, khona-ke unawo-ke; ukuthi ukumuphi unyaka, nokuthi kuprofethweni ngalowonyaka.

101 Manje-ke isiprofetho sikaJohane saqinisekiswa ohlelweni lukaNkulunkulu uQobo. Bhekisisani ukuthi siphelele kanjani. IBhayibheli lathi, "IZwi leNkosi liza kumprofethi." NoJesu wayeyiZwi. NoJohane wayeprofetha ngokuza kweZwi ukuba ligcwaliseke; noJesu, iZwi, leza kumprofethi, emanzini. O, kuhle kanjani pho! Alehluleki kanjani i. . . Niyabo? IZwi laliyinto eyivelakancane ngalolosuku. Nakhu kuza umprofethi, ethi, "Ngiyiphimbo leZwi."

Bathi, "Sifanele senzeni na?"

102 Wathi, "Angifanele ukuthukulula izicathulo zaKhe. Kodwa Ukhona omi phakathi kwenu, ndawondawo, Uzoba nguYe ozonibhaphathiza ngoMoya oNgcwele nangoMlilo. Ombenge yaKhe yokwela isesandleni saKhe, Uzakushanelisisa isibuya saKhe, futhi ashise amakhoba ngomlilo ongacimekiyo, abuthele uhlamvu enqolobaneni." O, umprofethi onje pho! UJesu wathi wayengakaze abekhona umuntu ozelwe ngowesifazane omkhulu njengaye, kuze kube yilolosuku. O, kuvunguza kanjani pho! Ukuthi wayazi kanjani lapho ayemi khona! Wayazi ncamashi. Wezwa ngokuvela kuNkulunkulu, futhi kwakuhambisana neZwi ngqo, ngakho wayengakhathali ukuthi abantu babethini. WaLishumayela futhi waLiprofetha, noma kunjani. Futhi bhekisisani, uma umuntu emela lokho okuyiQiniso, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile ukuqinisekisa lowomuntu ngeQiniso.

103 Lapho uMose ehlela lapho eGibhithe, wayesethi, "Ngangisehlane ngaleya, futhi ngibone isihlahla sivutha, futhi asiphelanga. Ngenyuka ngaya esihlahleni, futhi, lapho ngiya, kwakukhona enkulu iNsika yoMlilo ilenga phakathi lapho. nePhimbo lathi, 'NGINGUYE ENGINGUYE.' Futhi Wangitshela ukuba ngithathe lenduku futhi ngehlele lapha futhi ngenze lezizimangaliso, noNkulunkulu uzoqinisekisa iZwi laKhe." Welula induku yakhe, nakho kufika amazeze nezibawu, nobumnyama kanjalonjalo. Kwase kuthi-ke ukuqinisekisa lowomprofethi, Waletha lawomakholwa abuyela ngqo entabeni,

noNkulunkulu wehla eseNsikeni yoMlilo efanayo, entabeni efanayo ngqo, futhi wafakazisa ukuthi lokho kwakuqinisile.

Manje bukani ukuthi Wenzeni ngalolusuku. Khona impela.

104 Manje, iZwi liza kumprofethi futhi lamqinisekisa ukuthi ungumuntu wangeqiniso, yena impela umuntu imiBhalo eyathi wayezoba nguye. Ngokushesha manje. Kodwa, futhi, uJesu wafika ngesimo esehlukile ekuhumushweni kwesiprofetho kwabo okwakwenziwe ngumuntu. Umuntu wayehumushe ukuthi kwakuzoba yikuphi. Impela. AmaPresbyterian icabanga ukuthi kufanele kube yiwo. Bhekisisani uma uNkulunkulu enza noma yini, qaphelani zonke ezinye izinhlangano zisukuma noyedwa. Ya, njalo bekuba ngaleyondlela. BanoJambre noJane ndawo zonke. Qaphelani, basho ingxenye yeZwi. Kodwa, ngokweZwi lomprofethi, yonke iLetha!

105 Bayakugeja futhi, njengokuvamisile, baMbiza ngombhuli, "udeveli; uBelzabule," futhi bathi Wayezenza Yena uNkulunkulu, kanti babefanele bazi, ngalo impela iBhayibheli, ukuthi WayenguNkulunkulu.

Qaphelani, Waprofethwa nguIsaya, uIsaya 9:6, wathi, "IGama laKhe liyakuthiwa UNkulunkulu onaMandla, UYise Ongunaphakade." Ngeke besababikho obaba emva kwalokho, ngoba WayenguBaba wokuqala ekuqaleni, nguYe kuphela uBaba; wathi, "Ningabizi-muntu walomhlaba ngokuthi u, 'Baba," futhi, emva kwalokho." "Ungu—UNkulunkulu onaMandla, futhi UYise Ongunaphakade, UMluleki, INkosi yokuThula." Impela.

106 Manje, babenze kuYe lokho konke abaprofethi ababekubhale ohlwini ukuthi bayokwenza, njengoba nje benza kuwo wona loNyaka waseLawodikeya, baMkhipha ebandleni. "Baphuphuthekile, bahamba-ze, kanti kabazi." Lokho nje umprofethi akusho, umprofethi weBhayibheli. Bephuphuthekiswe ngamasiko omuntu, baMkhiphela ngaphandle, iZwi ngaphandle kwamabandla abo, njengokuvamisile, njengoba kwaprofethwa ngabo.

107 Qaphelani manje, ngokushesha manje. Ningakugeji lokhu manje. Nansi indikimba, ukuthi uJesu Wazazisa kanjani kulababafundi ababili ukuthi WayenguMesiya wabo! Manje, onke amehlo ngapha. Naphandle ezweni, ningakugeji lokhu manje. Sizamile ukunitshela ukuthi iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu, lalotshwa nguNkulunkulu qobo lwaKhe, ngezindebe nangethuluzi eliwumuntu. UNkulunkulu uyakwazi ukubhala, qobo lwaKhe. UNkulunkulu uyakwazi ukukhuluma, qobo lwaKhe. UNkulunkulu angenza lokho Afuna ukukwenza, kodwa Wakhetha umuntu ukuba akwenze ngoba umuntu owaLilobayo uyingxenye kaNkulunkulu. Ngakho, uNkulunkulu waloba iBhayibheli. Abantu babengazi ngisho ukuthi babelobani, ekucabangeni kwabo uqobo

kobuntu. Bangahle bangavumelani naLo, kodwa baLiloba. Babengakwazi. IBhayibheli lathi, "Abantu basendulo, njengoba babeqhutshwa nguMoya oNgcwele!" UNkulunkulu wayeqhuba izandla zabo, eqhuba amehlo abo emibonweni. Babengenakusho lutho kuphela lokho ababekubuka. Babengenakukhuluma lutho, ngoba Wayenokululawula ngokugcwele ulimi, umunwe, zonke izitho zomzimba zazijikiswa ngokugcwele nguNkulunkulu. Akumangalisi iBhayibheli lathi babengonkulunkulu, babeyingxenye kaNkulunkulu! Wayengukugcwala kukaNkulunkulu.

108 Qaphelani ukuthi uJesu waba kanjani, iZwi, wenza lababafundi ababili ababedabukile bazi ukuthi WayenguMesiya wabo, uMesiya, iZwi elithenjisiwe. Qaphelani ukuthi Wenzeni, Wabiza ukuba kuphendule isiprofetho. Qaphelani, "Nina ziwula, nilibele ukukholwa konke lokho abaprofethi abakulobayo." Manje, Akazange athi, "Awu, ini, lithini ibandla ngakho na?"

109 BaMnika indaba. Babezazi zonke izehlakalo ezenzeka. Babedabuke bonke. Baqala ukuMtshela, "Wena nje Uyisihambi yini lapha, noma Awazi ukuthi kwenzekeni eJerusalema na?"

110 Wathi, "Zindaba zini na?" sengathi Wayengazi. Niyabo, Wenza izinto ngesinye isikhathi ukubona nje ukuthi nizokwenzani ngakho. Niyabo? Wathi, "Ndaba zini na? Bekungubani na? Kwenzekeni na?"

111 "Wena Uyisihambi yini na?" Futhi babekhuluma ngqo noMuntu ababehlale naye iminyaka emithathu nengxenye, futhi bengaMazi.

"Zindaba zini na? Kwenzekeni na?"

112 "Awu," bathi, "UJesu waseNazaretha, obengumProfethi. Akukho kungabaza emqondweni wethu. Ubenamandla ngeZwi nangesenzo phambi kwabantu bonke. SiMbonile enza izinto Akhonjwa ngokuthi ubengumProfethi kaNkulunkulu walonyaka. Siyakwazi lokho. Futhi besikholwa ukuthi Ubezoba nguMhlengi, ukuthi Ubezakuhlenga uIsrayeli."

113 Wayesejika wayesethi, "Nina ziwula, enilibele enhliziyweni ukukholwa konke lokho lokho abakushilo abaprofethi ngaYe bekungamelwe yini ukuba kwenzeke na?" Niyabo? Mbhekisiseni manje ebuyela esiprofethweni. Ukusolwa okunje pho kwamakholwa, bezisho ukuthi babekholwa nguYe!

114 Qaphelani ukuthi Uluqhamukela kanjani udaba. Akazange nje aphumele obala bese ethi, "NginguMesiya wenu." Wayengakwenza, ngokuba Wayenguye. Kodwa qaphelani Wazikhomba Yena uqobo eZwini, khona-ke babezokwazi. Ukuba Wayengakusho, Wayengakusho lokho futhi kwakungeke kube njalo; kodwa lapho Ehamba futhi eqala ukukhuluma ngabo bonke abaprofethi abakusho ngaYe, futhi bakubona, khona-ke babengazitshela bona uqobo, uma babengabantwana

bakaNkulunkulu. Kodwa banaka lokho abaprofethi ababekusho kungakenzeki futhi bathi akubhekwe isikhathi lapho uMesiya, unyaka waKhe owawuzobonakaliswa. Yena, njengoJohane, makuthi iZwi, iBhayibheli, likhombe uMlayezo wabo. Noma yimuphi umprofethi weqiniso wayengakwenza. Akaphumanga wayesethi, "NginguYe. Ngi . . ." Lowo akusuye umprofethi weqiniso kaNkulunkulu. Niyabo? Kodwa Wathi, "Buyelani emiBhalweni." Niyabo, Akehluleki neze endleleni yaKhe yokukwenza. Niyabo?

Wathi, "Siyamazi uMose."

115 Wathi, "Uma benimazi uMose, beniyakungazi naMi." Wathi, "UMose waloba ngaMi." Wathi, "Hlolani umBhalo, kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, nomBhalo uyilokho okufakaza ngaMi. Hambani futhi nibuke emBhalweni futhi nikubone."

116 Lapha Akayiguquli neze indlela yaKhe yokukwenza, akakaze aguquke. Angeke aze aguquke, ngoba UnguNkulunkulu ongaguqukiyo. Niyabo? Qaphelani Wabuyela ngqo kulababafundi ababili, uKleyophase nomngane wakhe, besendleleni eya eEmawuse, wayesethi, wabiza ukuthi kuphendule imiBhalo kubo, wathi, "Kungani nibe nobuwula kangaka ukuba ningakholwa ukuthi onke amaZwi abaprofethi abawaloba aqondene noMesiya ayezomelwe ukuthi agcwaliseke na?" O, usuku olunje pho!

117 UJohane wenza into efanayo. "Hlolani imiBhalo, bukani emuva, kwathi kuyobakhona 'iphimbo lomemezayo ehlane.' Ngavelaphi na?" Niyabo? Lokho kungukuthi, lokho kwakufanele kukwenze kucace kubo. Kunjalo!

118 Kufanele kukwenze kucace namhlanje, into esibona uMoya oNgcwele uyenza. Wake wathi, "Hlolani imiBhalo." Futhi si . . . Ufuna sikwenze namhlanje.

119 Qaphelani; Uqala ngesiprofetho sikaMose, iBhayibheli lathi, "Yena, eqala ngoMose nabo bonke abaprofethi," kodwa Waqala ngoMose. "UmProfethi," kwasho uMose, "iNkosi uNkulunkulu wenu iyovusa phakathi kwenu bantu, phakathi kwabantu. INkosi uNkulunkulu iyovusa umProfethi."

120 Manje Wayengahle athi, "Kleyophase, nomngane wakho lapha, akashongo yini uMose ukuthi kulezizinsuku iNkosi uNkulunkulu iyovusa umProfethi na? NaloMuntu abambethele, ngabe Wahlangabezana yini nesidingakalo na? Manje, uMose wakuprofetha lokhu. Futhi manje beningenaye umprofethi amakhulu ngamakhulu eminyaka, futhi nangu loMuntu uvukile. Futhi umanduleli waLomuntu ubenjani, nitheni na?" Niyakuthola na? Nabo bonke abaprofethi abakusho ngaYe, okonyaka waKhe, Wakhuluma kubo. Impela kwakuzofanele kuhlabe umxhwele ukuMlalela. Naningeke nithande ukuba niMzwile na? Ngangiyothanda ukuba ngiMzwile, ukuMuzwa, ukuthi Wathini ngokuthi abaprofethi bathini ngaYe uqobo,

kodwa Akazange asho ukuthi kwakunguYe. Wavele nje wabakhombisa ngesiprofetho. Wavele wathi nje, "Umprofethi wathi lokhu kwakuzokwenzeka." Niyabo?

121 Ake sibuyele emuva nje imizuzu embalwa, futhi manje asilalele amaZwi acashunwa kuYe uqobo. Bhekisisani lapha, iZwi uqobo lwaLo licaphuna iZwi laKhe uqobo. IZwi uqobo lwaLo licaphuna iZwi laKhe uqobo. Engabatsheli ukuthi Wayeyilokho, kodwa nje wadedela iZwi lizikhulumele Lona uqobo, khona-ke bayazi ukuthi WayenguBani. Iletha leZwi, ecaphuna iZwi e. . .IZwi enyameni, ecaphuna iZwi le letha, likhonjwa ngokugcwele naYe. Bukani lapha, manje asiMlalele ecaphuna. Kanjani. . .Manje, siyazi ukuthi bonke bake bathelwa fahla ngezehlo ezisanda kwenzeka, okungukuthi, ngokubethelwa nangendaba yokuvuka, ithuna, njengoba sifundile nje. Manje Uqonda ngqo eZwini lesiprofetho ngaYe uqobo. Manje asicabange nje ukuthi Washo lokhu; Washo okuningingingi ngaphezu kwalokhu, kodwa bhekisisani.

122 Ake sithi Yena. . .siMuzwe ethi, "Phenyani ngale kuZakariya 11:12. Futhi wayengezukuthengiswa yini uMesiya, ngokomprofethi, ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva na? Nisanda kusho nje ukuthi loMuntu wathengiswa ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva. Phenyani ngale. . ." Niyayithola leyomiBhalo na? Zakariya 11:12. Wayesethi-ke, "Niqaphelile yini ukuthi uDavide wathini emaHubweni, iHubo 41:9 na? Wayezokhashelwa ngabangane baKhe. Bese kuthi-ke futhi, kuZakariya 13:7, Washiywa ngabafundi baKhe. Futhi kumaHubo 35:11, wamangalelwa ngofakazi bamanga. Nisanda kusho nje ukuthi Waba njalo. Isaya 53:7, Wayethule phambi kwabamangaleli baKhe. Isaya 50:6, baMshaya, kwasho umprofethi. AmaHubo 22, Wayezomemeza esiphambanweni, 'Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?' Ngabe Ukwenzile lokho, kuthangi ntambama na? AmaHubo 22 futhi, 18, Izingubo zaKhe yahlukaniswa phakathi kwabo. Ngabe bakwenza lokho na? NamaHubo 22:7 kuya kwele 8, wahlekwa yizitha zaKhe, ibandla. AmaHubo 22 futhi, kwakungekho-thambo emzimbeni waKhe elalizophulwa, kodwa 'babhobozile izandla zaMi nezinyawo zaMi,'" Washo. Bebambe izandla zaKhe zisemva kwaKhe, akungabazeki, ngesikhathi. "Isaya 53:12 wathi Wayezofa phakathi kwezelelesi. Isaya 53:9, wathi Wembelwa kanye nezicebi. AmaHubo 16:10 athi, 'Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, angiyikuvuma ukuba ONgcwele waMi abone ukubola.' Futhi kwakungesuye yini uMalaki 3 umanduleli waloMuntu na?" O, ngangingathanda ukuMuzwa ecaphuna lokho. Bukani iziprofetho! Qaphelani, bese kuba yiyo yonke imifanekiso Ayengedlula kuyo, ngoIsaka, kuGenesisi 22, ukuthi uNkulunkulu wambikezela kanjani uIsaka, ukuthi ubaba uAbrahama wayithatha kanjani indodana yakhe uqobo, ithwele

izinkuni phezulu egqumeni, futhi wanikela ngendodana yakhe uqobo.

123 Manje kwase kuqala ukuzika kubo. Wayesebatshelile ukuthi babeyiziwula ngokungabheki isiprofetho salolosuku. Futhi manje kuqala ukuzika, baqala ukubona ukugcwaliswa kwakho konke lokhu okwakukade kwenzekile ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, eminyakeni emibili noma emithathu edlule, isiprofetho esiqinisekisiwe sonyaka. Kwaba ngaleyonkathi-ke ukuthi bazi ukuthi umngane wabo obethelwe, uJesu, wayegcwalise lonke iZwi lalokhu. O, kwaba ngaleyonkathi-ke ukuthi bazi ukuthi lowoMuntu ngempela wayeyilowoMesiya, ukuthi—ukuthi Wayefanele avuke kwabafileyo. "Ithuna alikwazanga ukuMbamba. 'Angiyikuvuma ukuba ONgcwele waMi abone ukubola.' Akukho nelilodwa iZwi lesiprofetho elingake lehluleke. Futhi Wavuka."

124 "Manje-ke lezozithunywa ezansi ethuneni ngalokhu ukusa besiqinisile. Uvukile kwabafile. Uyaphila. UyilowoMesiya." Ngani na? Makunganehluli. "Ukwenza kwaKhe, inkonzo yaKhe nakho konke Akwenzile kuqinisekiswe ncamashi ngamaZwi umprofethi athi ayezokwenzeka alolusuku. Lokho kukwenzile." Base bazi-ke ukuthi kwakunguYe, umngane wabo owayebethelwe, uJesu, owayekwenzile. Akumangalisi izinhliziyo zabo zazivutha phakathi kwabo lapho Ekhuluma kubo. Manje babehambe amamayela ayisithupha, futhi kwabonakala sengathi yisikhathi esifishane.

125 Futhi nansi enye into ababeyenzile, niyazi, babezwe intshumayelo yamahora ayisithupha ngesiprofetho siqinisekiswa. Yilokho Akukhuluma kubo endleleni. Kwathi nje bangaqala ukwehla ngendlela, Wachezuka, ngokuba Wayekhona lapho impela eJerusalema. Amahora ayisithupha late-e... kamuva, amastadiyu angamashumi ayisithupha, babesezansi impela endleleni amamayela ayisithupha ukuya eEmawuse. Kuyilokho-ke. Futhi Wayeshumayelile waqinisa isiprofetho amahora ayisithupha. Ningangisoli kwawami amathathu, ke, niyabo. Niyabo? Kodwa qaphelani, babeshumayele... Yena... Babezwe intshumayelo yamahora ayisithupha ngesiprofetho siqiniswa, siqinisekiswa.

126 Manje kwase kuya esikhathini sokuhlwa. Niyazi, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Kwaba ngaleyonkathi-ke lapho Avula khona amehlo abo ukuba bazi lawomaHeberu 13:8, UNguye izolo, namuhla, naphakade. Ngesikhathi sokuhlwa, izehlakalo zenziwa zicace ngesiprofetho. Ukuthi kwenzekani ehoreni lesimanje kungakhonjwa kalula uma nje nizokholwa isiprofetho sehora.

127 "Yebo, ziwula, enilibele ekuqondeni, enilibele ukukholwa (nilokhu nizindla ngakho), ukukholwa ukuthi konke abaprofethi abakusho ngoMesiya, bekungamelwe kwenzeke na?" Manje Wahlola lamaphuzu onke emuva futhi wakhombisa ukuthi

umprofethi wathini ngokwakuzokwenzeka. Base beqala ukuqonda. Ngakho Wathi . . . washaya sengathi Wayezoqhubeka edlule. Bamthanda loMuntu. Bathi, "Wena, Usinike into ethize. Asikaze sikucabange lokho. Uyaphila ndawondawo." Babekhuluma kuYe, bengakwazi. Ngakho U . . . futhi akungabazeki Wababuka ngokudabuka, Wayeseqala ukwedlula, kodwa Wa—Wayelindele bona ukuba baMmeme. Yilokho akulindele kulobubusuku, ukuba nina niMmeme.

128 Qaphelani, ngenkathi labobafundi beMmemela enhlanganyelweni yabo etafuleni, kwaba ngaleyonkathi-ke lapho Enze khona okuthize njengoba Enza nje ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, namehlo abo avuleka. Bayazi indlela yaKhe, isitayela saKhe. Bazi ukuthi Wayenzeni, futhi Wakwenza-ke njengoba Enza nje ngaphambili. Futhi bathi, "NguYe lowo!" Futhi ngokushesha basukuma ukuba bamemeze kakhulu, Wayesenyamalala. Futhi lapho abathatha khona amahora ayisithupha ukulalela lentshumayelo, mhlawumbe imizuzu engamashumi amabili babehamba bekhabuzela bebuyela emuva ukuyotshela bonke abanye, "Uvukile impela. Uphila ngempela."

129 Bangane, lokhu ngukugcwaliseka kukaMalaki 4, uLuka oNgcwele 17, uJohane oNgcwele 15, o, eziningi kakhulu, iZambulo 10, eziningi kakhulu iziprofetho ezingaqhaselwa impela kulolusuku. Kanti naseNcwadini kaMarku nakuMathewu, lapho Athi lezizibonakaliso ezinkulu nezimangaliso ziyobonakala esibhakabhakeni, nabantu bazibiza ngamasoso, amasoso andizayo, anga—anganyamalala ngamandla nokushesha komcabango, ukukhalipha okungangena. Uyakwazi ukubhala, Uyakwazi ukukhuluma, Angenza noma yini Afuna ukuyenza. INsika yoMlilo enkulu, "onguye izolo, namuhla, naphakade." Izinto ezibonwayo ziza phezu komhlaba, isivivane sentuthu senyukela emoyeni, le ngaphezulu lapho okungeke kwabakhona umswakama nalutho, amamayela angamashumi amathathu ukuphakama. Kwabikezelwa unyaka nohhafu ngaphambi kokuthi kwenzeke, ukuthi kwakuzoba ngaleyondlela. Manje phendulani isithombe futhi nibone ukuthi Ubani obuka phansi. Akukho nelilodwa iZwi elike lehluleka kulokho okushiwoyo, futhi nanti iZwi likaNkulunkulu elilotshiweyo, liqinisa ukuthi kuyiQiniso. Futhi sekuyisikhathi sokuhlwa futhi. Angazi noma Ubengabuya futhi, ngomusa, kulobubusuku futhi enze into efanayo manje njengoba Enzile emuva lapho. Asikhuleke futhi siMcele. Izehlakalo zenziwa zicace ngesiprofetho esiqinisekisiwe.

130 Nkulunkulu Somandla, sisize, Nkulunkulu othandekayo, ukuba siqonde, ukuba siqonde izinto esifanele sizazi, siqonde iZwi laKho. Futhi manje, Nkosi, sizizwile izintshumayelo manje cishe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, imibhalo

yezincwadi. Nakulezizinsuku zokugcina lapha kuthi nyelele kuphindela emuva ngqo futhi, futhi manje sekuya ngasesikhathini sakusihlwa. AmaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, namaningi awo kusukela phansi onyakeni ukhulume naWe, futhi mhlawumbe endleleni nje yalolusuku olukhulu obelungesibo ubusuku noma imini, njengoba kwasho umprofethi, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyoba ngukuKhanya. UJesu wavuka ethuneni futhi wabonakala kuSimoni nakwebesifazane, futhi wabakhombisa ukuthi Wayephila. Lokho kwakusekuseni. Kwase kuthi-ke kusihlwa Uyabuya futhi. Kodwa Wahamba waya kubo emini, ebasola ngobumpumputhe babo, kodwa kwase kuthi-ke Wazenza Waziwa kubo ngesikhathi sokuhlwa.

131 Nkulunkulu, ngena enhlanganyelweni yethu kulobubusuku ukuthi sizungeze iZwi. Nkulunkulu, kukholwakala ngokuyivelakancene kakhulu namhlanje phakathi kwabantu, kodwa ngiyabonga ukuthi kukhona abanye Obabizile futhi wabazi-phakade ekuPhileni okuPhakade, futhi Wathi, "Konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyoza." Futhi manje iziNkanyiso zakusihlwa zisakhanya, Usavumelile, Nkosi, ukuthi akukho nesisodwa isiprofetho (esisodwa samakhulu esiphumileyo) esike sehluleka neze nakanye. Manje-ke qiniso uma lokho kukhomba, kufanele kube nguWe, ngoba akukho-muntu obengaqondanisa ngokuyikho ngqo. NjengeBhayibheli nje, akukho-muntu owayengabhala, akukho-noyedwa esikhathini seminyaka engamakhulu ayishumi nesithupha, ngababhali abangamashumi amane abehlukene, owayengabhala, futhi kungabibikho nesisodwa isiphosiso kuLo.

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakhuleka ukuthi Uzozibonakalisa Wena uqobo kulobubusuku, ngamaHeberu 13:8, ukuthi Unguwe izolo, namuhla, naphakade. Nemisebenzi Owayenzayo ngaleyonkathi, Uyayenza namuhla. Futhi Wakwethembisa, Wathi, "Ngalolu izinsuku zokugcina, lapho izwe lihlezi njengeSodoma neGomora, impendukezelo." Sibuka lababafana nje abafana kakhulu namanatombazane, begqoka izingubo njengawo, futhi—futhi sibona amantombazane ezama ukuziphathisa okwababafana, futhi sibona abesifazane nesilisa kulonyaka ophendukezelwe, sibona ukuhahela ucansi sekuphenduke kwaba yisi—sithixo sokukhonzwa. IVangeli selifuqelwe phandle eceleni, nokuhamba-ze ebandleni laseLawodikeya. O Nkulunkulu, ihora elinje pho! Woza, Nkosi Jesu, Zazise kithi. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu.

132 Manje nisakhothamise amakhanda enu, amehlo enu evaliwe, ngizonibuza okuthize. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ulapha na? Niyakholwa ukuthi izinto Elizenzayo namuhla yisiprofetho sigcwaliswa na? Niyakholwa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade na? Niyakholwa ukuthi ngenkathi Elapha futhi ebonakaliswa enyameni

ngalolosuku, nemisebenzi Ayeyenze lapho, wawuzophindwa futhi ngalolusuku na? Umprofethi washo njalo. IBhayibheli lasho njalo. Wonke umBhalo ufanele ugcwaliseke, ungeke wehluleka. Wazikhomba kanjani Yena uqobo na? Ngokuba yilowomProfethi uMose akhuluma ngaye. Wazi izimfihlo zezinhliziyo zabantu. Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, Waphenduka wayesethi, "Ukukholwa kwakho kuKusindisile." Ngenkathi uSimon Petru enyukela kuYe, Wamazi igama lakhe, wamtshela ukuthi wayengubani, ukuthi uyise wayengubani. NalowoJesu ofanayo othandekayo akafile, Uphila kuze kube nininini. Akabongwe uNkulunkulu! Futhi ngikholwa ukuthi, ngalesisikhathi sokuhlwa manje, Usibizela ndawonye futhi.

133 O Nkosi Jesu, woza phakathi kwethu. Ungasedluli. Woza, hlala nathi ubusuku bonke kuze kwedlule lobubusuku, besekе sihamba naWe kusasa ukuze siKwazi emandleni okuvuka kwaKho, ukuthi uthando lwaKho nesihawu nomusa kube nathi. O Nkulunkulu oPhakade, siphe lezizinto. Siyazi ukuthi nguNkulunkulu kuphela yedwa ongasipha zona.

134 Ngesizotha salelihora, asisho lokhu, Nkulunkulu, Baba wethu, inyama yethu iyitabernakele elimpofu laKho. Kodwa, Nkosi, makuthi isihawu saKho esingcwelisayo, uMoya waKho oNgcwele, uze manje. Sihlanze kukho konke ukungabaza nazo zonke izingxaki, konke ukuba nezinsolo nawo wonke ulayini wokuba manqikanqika ongaba kithina, ukuze sikwazi ukukhululeka singenakho nokukodwa ukungabaza; siphume, sivume ngesibindi njengoPetru, "Wena unguKristu, onguye izolo, namuhla, naphakade."

135 Siyakholwa ukuthi iZwi laKho liyiQiniso, Nkosi. Masibone nje, ngaphambi kokuba siqale lomugqa womkhuleko, Nkosi, zazise Wena uqobo kithi. Njengoba Washo, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti," ngenkathi uAbrahama, leloqembu elibizelwe ngaphandle lilindele indodana ethenjisiweyo, uLoti wayesezansi lapho ezwa uBilly Graham wesimodeni no-Oral Roberts kulokho okwakuqalwe ngamahlelo ezansi lapho, njengesizwe. Kodwa uAbrahama wayengogogobeleyo engenanhlangano, leliqembu elincane nje lizulazula ezweni ayezoba yindlalifa kulo. "Nabathobile bayodla ifa lomhlaba." Ngolunye usuku, phansi kwesihlahla esiwumthunzi, besahlezi, bephumule, uNkulunkulu wehla esesimweni soMuntu. Izingelosi ezimbili zehlela eSodoma. Futhi uNkulunkulu, enyameni yomuntu, wafakazisa ukuthi Wayenguye, Wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, wayenguAbrama; no S-a-r-a-y-i, uSarayi; hhayi uSara, "inkosazana." Futhi Wena wambiza ngegama lenkosazana, indodakazi yenkosi. Wabiza uAbrahama ngegama lakhe, uAbrahama, ubaba wezizwe. Futhi Wena wathi, "Ngizokuvakashela."

136 Nkulunkulu, ingabe inhliziyo yalowomprofethi yagxumagxuma kanjani! Wakwazi ukuthi WawunguBani ngaso lesosikhathi. Akumangalisi ageza izinyawo zaKho, wakhipha konke ukudla ayenakho, futhi okuphambili kunakho konke, wakubeka phambi kwaKho. Wayazi ukuthi kwakunguNkulunkulu lapho. Wayesethi-ke, "Uphi uSara na?" kube sengathi Wayengazi. Futhi Wena . . .

137 UAbrahama wathi kuYe, "Usethendeni . . . usethendeni, emva kwaKho."

138 Futhi Wena washo ukuthi kwakuzokwenzekani. Futhi yena, enhliziyweni yakhe, waLingabaza. Futhi-ke Wena—Wena wawusuthi-ke kuAbrahama, "Ukungabazeleni lokho uSara, ethi enhliziyweni yakhe, 'Lezizinto ngeke zenzeka na'? Ikhona into emehlula uNkulunkulu na?"

139 O Nkulunkulu! Jesu, Nkulunkulu obonakalisiweyo weZwi, Wena wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," izwe lalizoba kulesosimo ngaphambi nje kokubhujiswa kwezwe labeZizwe, isikhathi sesimiselo sabeZizwe. Nakhu silapha, amaSodoma kuze kuyofika emnyombeni! Wena wase uthi-ke iNdodana yomuntu, okubhekiselwa njalo ngokuthi u 'mprofethi," iyokwembulwa ngalelohora. Gcwalisa amaZwi aKho, O Nkulunkulu. Thina, abantwana baKho abakholwayo, silinde ngezinhliziyo eziqotho, ukuba usiphe ukukholwa, Nkosi, ukuthi, uma sinomugqa womkhuleko, abantu bazokholwa. Yisikhathi sokuhlwa, Baba. Makuthi iziNkanyiso zakusihlwa zeNdodana kaNkulunkulu (OwayeKhona, futhi OKhona, NoZayo) azibonakalise Yena ngesiprofetho Asenzile. EGameni likaJesu. Amen.

140 Manje sengilungele uku—ukukhulekela abagulayo. Kodwa kuyinto exakile, ukuthi kunjani ukuthi uma sima lapha. Lapha ngima lapha manje ngenza inselelo emphakathini, nabaxhume ngezingcingo esizweni sonke, ukuthi uNkulunkulu usenguye uNkulunkulu. Angehluleke. Futhi lokho Akwethembisayo, lokho Uzokwenza. Akasoze ehluleka ukukwenza, ngokuba Wethembisa ukukwenza. Ngakho-ke ngingabeka ithemba elinesizotha kulokho Akusho. Ngakho-ke ngibheka ukuFika kwaKhe, ngibheka Yena ukuba abonakale noma ngasiphi isikhathi, ngoba Wathi, "Ngehora eningalicabangiyo," izwe elingalicabangiyo, "manje-ke Uzobonakala."

141 Manje, ngokwazi kwami . . . Ngisetabernakele lami lapha, futhi kukhona abantu abambalwa abahlezi lapha engi—ngibaziyo. UMfowethu Wright, abambalwa balaba abahlezi lapha, khona ngapha, ngiyabazi. Kodwa kukhona abaningi benu engingabaziyo. Futhi anginandlela yokuthi ngithi uNkulunkulu uzokwenza lokhu kulobubusuku. SiMbonile ekwenza eminyakeni ngeminyaka edlule, kodwa Angahle angakwenzi kulobubusuku. Angazi. Lokho kukuYe. Uyazibusa. Wenza lokho Afisa ukukwenza. Akekho ongaMtshela ukuthi

akenzeni. Uhlala yedwa, entandweni yaKhe nezindlela zaKhe. Kodwa ngenxa yokuthi Wakwethembisa, ngicela Yena ukuba akwenze. Hhayi ngenxa yethu, ukuthi siyakudinga, kodwa mhlawumbe ngenxa yezinye izihambi, ukuthi uMoya oNgcwele ungahle ugcobe...manje ugcobo phezu kwethu. Manje, akunandaba ukuthi Ungigcoba kakhulu kangakanani mina, Ufanele agcobe nina, futhi, impela, ukuba nikholwe.

142 Manje ngifuna ukuba nomugqa womkhuleko, futhi ngifuna ukukhulekela abagulayo ngawo onke amandla ami. Manje, singaba phakathi kokuthi siba nomugqa, ukubiza abantu futhi sibenyusele lapha, umugqa womkhuleko futhi sikhulekele wonke umuntu lapha ogulayo, ngiyethemba, ngibe nabafowethu abangabefundisi ukuba beze lapha kanye nathi, bese bebeka izandla phezu kwenu. Impela singakwenza lokho. Noma kuphakathi kokuthi singacela uBaba wethu, OnguYe kuphela onganenzela noma yini, ngoba izandla zami singumuntu nje njengawe muntu. Kodwa into yakho ingukuthi, akusiso isandla somuntu esikwenzayo; yiZwi likaNkulunkulu. Ukukholwa kuleloZwi yikhona okukwenzayo. Akukho-nto yesayense ngakho, akunayo nhlobo isayense.

143 Akukho neyodwa into umKristu anayo ezikhalini zakhe okuyisayense. Benikwazi lokho na? Uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela, ukukholeka, uMoya oNgcwele, yonke into ayibonwa yisayense. Futhi yileyonto kuphela eyiyo ngempela futhi ehlala isikhathi eside. Yonke into eniyibukayo ivela emhlabeni futhi ibuyela emhlabeni. Kodwa izinto eningeke nazibona ngamehlo enu, kodwa niLibone lizimemezela Lona uqobo, lelo yizwe laPhakade.

144 Beningakholwa, uma uNkulunkulu ubengazibonakalisa Yena uqobo futhi akhombise ukuthi Ulapha uyaphila, enza izinto ezifanayo nalezo Azenzayo ekuqaleni emva kwaloMlayezo, beningakwemukela njengokuphiliswa kwenu na? Kwangathi uNkulunkulu angakupha khona. Manje ngicela wonke umuntu endlini, akunandaba ukuthi ningobani noma nivelaphi, ngicela nina ukuba nje ngesizotha nikholwe loMlayezo ukuthi uyiQiniso. Lowo nguMlayezo uNkulunkulu anawo eBhayibhelini laKhe walelihora, ukuthi uJesu Kristu ulapha kulobubusuku futhi uyaphila. Manje cishe . . .

145 Nonke nina bantu niyazi ngami, ngikhona khona lapha edolobheni lapho engakhuliswa khona. Anginayo ngisho imfundo yasesikoleni yokukhulunywa nokubhalwa kolwimi. Lelo yiqiniso impela. Futhi seningazi isikhathi eside ngokwenele, ngethemba ukuthi ngiphilile phakathi kwenu ukunikhombisa ukuthi ngethembekile futhi ngiqotho. Angisuye umzenzisi. Ngisho nabagxeki bami abakusho lokho. Bona, bathi nje, "A—awusuye umzenzisi, kodwa singathi nje unephutha. Unephutha ngokungazi nje, hhayi ngamabomu."

Angikholwa ukuthi nginephutha ngokungazi, ngoba iZwi likaNkulunkulu liyafakaza ngoMlayezo wami, futhi ufanele unitshele ukuthi UnguBani. Futhi ningizwa ngokucacile ngithi Akusimina, ngakho-ke Kufanele kube nguYe. Ngabe kunjalo na? Kholwani-ke nguNkulunkulu. Bhekani ngapha, futhi nikholwe nguNkulunkulu. Uma ningahle nimkholwe uNkulunkulu, uNkulunkulu uzonipha. Uma Engenza lokho njengoba Enza ngaphambili, khona-ke Usenguye uNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na?

146 Niyakukholwa na? Inenekazi elihlezi lapha phambi kwami, lingibuka, izinyembezi emehlweni alo, ngobuqotho. Angilazi ukuthi lingubani, angikaze ngilibone. Ngiyisihambi kuwe. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uyayazi imfihlo yenhliziyo yakho, izifiso zakho, noma isono sakho, kumbe noma kuyini na? Ucabanga ukuthi Uyazi na? Ucabanga ukuthi Angangembulela ukuthi yini isono sakho, ukuthi wenzeni, ukuthi yini obungafanele uyenze, noma isifiso sakho, noma ngabe kuyini na? Uma Ubezokwenza, bekungakwenza uMkholwe, wazi ukuthi kuzofanele kube nguYe na? Ubungakwemukela njengaYe na? Akusiso isono sakho esikuhluphayo; ukuhlambulukile lokho. Kodwa ufuna umbhaphathizo kaMoya waKhe oNgcwele. UzoWemukela. NgiWubonile wehla unqamula phambi kwalo.

147 Ukuze nazi ukuthi bengibuka owesifazane, ubengibuka, ngifuna ukunikhombisa uMoya oNgcwele. Bukani lapha, khona impela ngaphezu kwalona wesifazane omncane ohlezi lapha, ngezansi phansi kwezinyawo zami lapha. Ngenkathi ngisho lokho, leyo yinto efanayo eliyifunayo, ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uyakholwa ukuthi uzoWemukela, dadewethu na? Phakamisa isandla sakho, ke. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, ngokwazana.

148 Niyayibona lendoda ehlezi lapha ekhothamise ikhanda layo, ehlezi khona lapho, nokhololo wayo ungayilingani, kanjalonjalo. Uphethwe yinyongo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Phakamisa isandla sakho uma uzoKwemukela. Kulungile, uNkulunkulu akakuphe isicelo sakho.

149 Lensizwa ehlezi khona lapha, ifuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokupha Wona; mnumzane nomucu kathayi wakho omhlophe ulenga ngemuva na? UNkulunkulu uzokupha khona.

150 Lendoda lapha ikhulekela umkayo. Usesikhungweni sabagulayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa, amsindise na? Uyakukholwa na? Ungaba nakho.

151 Isandla sakho siphakamele emphinjeni wakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa lesosimo senhliziyo esikuhluphayo, lokho-kuhlushwa yisisu onakho na? Uhlezi lapho, ugula njengamanje. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa ukuthi Uyakuphilisa na? Manje-ke ungaba nakho. Amen.

152 Niyabona Unguye izolo, namuhla, naphakade. Buzani labobantu, nibone ukuthi ngiyabazi yini. Angibazi, kodwa Yena uyabazi. Amen. Niyakubona lokhuya kuKhanya ngasodongeni ngaleya, kulengela ngqo phezu kwendoda ehlezi lapho. Iphethwe yisimo somfunkulu emgogodleni wayo. Ayisiyo eyalapha, ingeyaseGeorgia. Mnu. Duncan, kholwa ngenhliziyo yakho yonke, uNkulunkulu uzokuphilisa lokho kuhlushwa yiqolo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? UNkulunkulu akubusise.

153 Nansi indoda ihlezi emuva le lapha, iphethwe yiqolo, ingibuka. Angiyazi, kodwa nguMnu. Thompson. Uyakholwa na? Sukuma, mnumzane, emuva lapho, ukuze . . . Ngiyisihambi kuwe. Kunjalo. Kodwa uhlezi lapho, ukhuleka. Ukuphathwa kwakho yiqolo sekuphilisiwe manje. UJesu Kristu uyakusindisa.

154 "Kuyoba ngukuKhanya cishe nje ngesikhathi sokuhlwa." Aniboni, Ulapha kulobubusuku! UNGINGUYE omkhulu. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa na? Nenelisekile futhi nikholisekile ukuthi lona nguJesu Kristu Ezazisa, ezikhomba Yena uqobo esiprofethweni na?

155 Ungakhathazeki ngeso. UNkulunkulu uphilisa abagulayo nabahluphekile.

156 Bangaki abantu aba . . . Bangaki ophakathi lapha, ogulayo na? Asibone izandla zenu. Kubonakala nje sengathi kungumdonso omkhulu nobunzima. Ngabe noma yimuphi omunye wenu bantu unawo yini amakhadi omkhuleko na? Angazi ukuthi ngizonedlulisa kanjani lapha. Ngifuna ukunikhulekela, futhi angazi ukuthi ngizokwenza kanjani. Niyabona ukuthini, ake nibheke odongeni, ngizobafaka kanjani lapho na? Kanjani uma nithola isikhala esisodwa sezihlalo siminyene na? Ninesinye esivimbekile khona lapho, wonke umuntu ume ngqi.

157 Lalelani, ngizweni. Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi akwangafezeka na? Kunjalo na? Yonke into ibiqinisile njalo. Angikaze nginicele nowodwa upeni wemali empilweni yami, ngake ngawucela na? Nakanye. Angikaze ngiwuthathe umnikelo empilweni yami. Angizele yona imali lapha. Angizele khona lapha ukunikhohlisa. Ngilapha ukubonakalisa iZwi likaNkulunkulu lehora. Nginitshele iQiniso, noNkulunkulu ufakazile ukuthi yiQiniso. Manje ngiyanitshela, ISHO KANJE IMIBHALO, ukuthi uma ikholwa libeka izandla zalo phezu kogulayo, uJesu wathi, "Bayosinda!" Niyakukholwa lokho na? Manje-ke, eBukhoneni bukaNkulunkulu, anikholwa ukuthi Uzokwenza khona manje na?

158 Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bese nisibamba lapho umzuzu. Manje, ninga—ningakhuleki, bekani izandla zenu komunye nomunye nje; phandle lapho ezweni. Mina, uqobo lwami, ngizibeka mina phezu kwalamaduku. Manje

ngifuna ningibheke umzuzu nje. Yini uNkulunkulu ayishiye ingenziwe na? Bukani ukuthi Unjani, ukuthi lenze kanjani iZwi esilifundile, iziprofetho esizishilo, uJesu Ezikhombe Yena uqobo ngeziprofetho. Manje bukani ihora, nalamaviki amathathu edlule lapho esibeke khona ihora esiphila kulo. Bukani ukuthi sifundeni, ukuthi kukanjani ngabaprofethi bamanga nangezibonakaliso cishe impela ebeziyodukisa abakhethiweyo. Ukuthi iZwi libonakaliswe kanjani, ukuthi unkulunkulu walelizwe uwaphuphuthekise kanjani amanga, izinhliziyo zabantu. Nokuthi uNkulunkulu Yena uqobo usho kanjani ngeziprofetho zaKhe ukuthi lezizinto zaziyokwenzeka kuloNyaka waseLawodikeya. Akukho lutho olushiywe lungenziwe. UNkulunkulu ulapha uNkulunkulu ofanayo nje owakhuluma kulabobantu eEmawuse, owazikhomba Yena uqobo ngeziprofetho ezashiwo zingakenzeki ngaYe, Ulapha kulobubusuku ekhomba uBukhona baKhe ngeziprofetho ezashiwo zingakenzeki zalonyaka. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ningakukholwa na? Manje-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Ungazikhulekeli wena, kodwa ngendlela yakho uqobo ukhulekele umuntu ombeke izandla zakho, ngoba bona bakhulekela wena. Manje bukani, ningangabazi.

159 Futhi manje ukuba beningabona ukuthi ngibukani! Futhi niyazi bengingeqambe amanga kini, ngimi lapha. Ukuba beningabona, nokukholwa kwenu kudonse lowoMoya oNgcwele omkhulu ontweze ngaleya e—emoyeni, isayense ethathe isithombe sawo, futhi niWubone uhambahamba kulendlu nje uzama ukuthola indawo ozo—ozokwehlela kuyo, uzama ukuthola indawo yehange. Ukholwe kuphela, mfowethu. Ukukhombe ngomBhalo kanjalonjalo, ukuthi kuqinisile. Manje khulekela ngobuqotho lowomuntu ombeke izandla zakho; bona bakhulekela wena.

160 Jesu waseNazaretha othandekayo, ngokuba, sinokuzwa, Nkosi, ngeZwi, ukuthi Ulapha, ngesithembiso ukuthi Ulapha, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, Ngikhona lapho phakathi kwabo. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Phandle phezu kwamagagasi alotelefoni, kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungahamba ungene kulelo nalelobandla. Kwangathi ukuKhanya okuNgcwele okufanayo esikubukayo khona lapha ebandleni, kwangathi Kungehlela phezu kwalowo nalowo, futhi kwangathi bangaphiliswa ngalesisikhathi. Siyasithethisa isitha, uDeveli, eBukhoneni bukaKristu; sithi esitheni, ukuthi sehluliwe ngo—ngobuhlungu bokubambela, ukufa kweNkosi uJesu nokuvuka kokunqoba ngosuku lwesithathu; nobufakazi baKhe obubonakalayo obufakazelweyo ukuthi Ulapha phakathi kwethu kulobubusuku, ephila, emva kweminyaka engamakhulu

ayishumi nesishiyagalolunye. Makuthi uMoya kaNkulunkulu ophilayo ugcwalise yonke inhliziyo ngokukholwa namandla, namandla obuhle bokuphilisa ekuvukeni kukaJesu Kristu, Okhonjwa manje ngalokhu ukuKhanya okukhulu okushaya indingilizi ebandleni, eBukhoneni baKhe. EGameni likaJesu Kristu, siphe khona ngenkazimulo kaNkulunkulu.

161 Kwangathi lamaduku esikhulekela phezu kwawo, kwangathi angaya kwabagulayo nabahluphekile ahloselwe khona. Kwangathi uMoya oNgcwele ofanayo olapha manje ukhomba Yena uqobo, uzikhomba Yena kuso sonke isiguli lawa elibekwa phezu kwakhe. Kwangathi uBukhona bukaNkulunkulu bungagcwalisa kakhulu inhliziyo yabo ngokukholwa kuze kuthi izifo zomzimba wabo ziphiliswe. Lokhu siyakucela, ngenkazimulo kaNkulunkulu, eBukhoneni bukaJesu Kristu naseGameni likaJesu Kristu, njengoba thina zinceku zikaJesu Kristu sikucela. Amen.

162 Manje ngokuvela ezinhliziyweni zenu, angikhathali ukuthi yini ebingalungile kuwe, ungathi, ngokuvela enhliziyweni yakho, ukholwe ngenhliziyo yakho yonke ukuthi iZwi likaNkulunkulu likunikile isicelo sakho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngikholwa ukuthi zonke izandla, njengoba bengibona, ziphakamile. Uma nikukholwa, manje khumbulani, sekuphelile.

163 Nina eniphandle lapho ezingcingweni zikatelefoni, uma nikholiwe ngenhliziyo yenu yonke, njengoba abefundisi bebeka izandla phezu kwenu, nabathandekayo benu bebeka izandla phezu kwenu, uma nikholwa ngenhliziyo yenu yonke ukuthi sekuphelile, sekuphelile. UMoya oNgcwele omkhulu, Ulapha etabernakele kulobubusuku. NgiMbonile ehamba phezu kwabantu, Uzikhombisile ngapha ohlangothini lodonga, wase wehlela phezu kowesilisa, wehlela lapha wase wenyuka udabula endlini, wenza zaziwe izimfihlo zezinhliziyo, inkomba yoBukhona baKhe, ukukhombisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uphakathi kwethu! UnguNkulunkulu, uNkulunkulu ongehluleki neze.

164 Futhi izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, futhi ayivuthi yini manje, ukwazi ukuthi manje siseBukhoneni bukaJesu Kristu ovukileyo, kuYe makube yinkazimulo nodumo kuze kube nininini; Ofuze uJehova uSomandla uqobo; Owantweza wehla esesimweni seNsika yoMlilo esihlahleni esivuthayo, ukuheha umprofethi ukuba anake; Owayehlele phezu kwentaba, futhi noma ngubani owayeyithintile wayebulawa, ngaphandle kukaMose noJoshuwa. Ukuthi kwenzeka kanjani ukuthi Wahola abantwana bakwaIsrayeli bedabula ehlane, ohambweni lwabo, njengomfanekiso wabantu ababizelwe ngaphandle namhlanje. Nangu Ulapha, ngocwaningo lwesayense, Wazikhomba ngisho naphambi kwesayense. Nangazo impela izenzo zaKhe nangaso impela

isiprofetho saKhe, izinto okuprofethwe ngaYe ukuba ayenze ngalolusuku, ukuMenza abe nguye izolo, namuhla, naphakade, kuqinisekiswe ngokupheleleyo. Akwenele yini ukwenza izinhliziyo zethu zivuthe phakathi kwethu na? UNkulunkulu anibusise.

165 Manje nganhliziyonye, asime bese sithi: Manje ngemukela uJesu Kristu njengoMsindisi noMphilisi. [Ibandla lithi, "Manje ngemukela uJesu Kristu njengoMsindisi noMphilisi."—Uml.] Nangomusa waKhe, ["Nangomusa waKhe."] kusukela kulelihora emva kwalokhu, ["kusukela kulelihora emva kwalokhu,"] O Nkulunkulu, ["O Nkulunkulu,"] makungabikho ukungakholwa ["makungabikho ukungakholwa"] okuyoke kungene enhliziyweni yami, ["okuyoke kungene enhliziyweni yami,"] ngokuba sengibonile ["ngokuba sengibonile"] isiprofetho ["isiprofetho"] salolusuku ["salolusuku"] sigcwaliseka. ["sigcwaliseka."] Ngiyakholwa ["Ngiyakholwa"] ukuthi uJesu Kristu ["ukuthi uJesu Kristu"] uyaphila ["uyaphila"] futhi ulapha manje ["futhi ulapha manje"] eqinisa iZwi laKhe ["eqinisa iZwi laKhe"] lalelihora. ["lalelihora."] Iziprofetho ["Iziprofetho"] okwakulotshwe ngaYe ["okwakulotshwe ngaYe"] manje sekugcwalisekile phakathi kwethu. ["manje sekugcwalisekile phakathi kwethu."] UnguMsindisi wami, ["UnguMsindisi wami,"] uNkulunkulu wami, ["uNkulunkulu wami,"] iNkosi yami, ["iNkosi yami,"] owami oyikho Konke-kukho konke. ["owami oyikho Konke-kukho konke."]

166 Nkulunkulu othandekayo, yizwa ubufakazi bethu. Futhi usiphe, usuku nosuku, iSinkwa sokuPhila. Futhi sinikela kuWe udumo, O Nkulunkulu, ngokusuka ezinjulweni zenhliziyo yethu. Siyadumisa, Wena onaMandla, uNkulunkulu wabaprofethi. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

O, umzuzwana onje pho, isikhathi esinje pho!

> . . . kholwa kuphela;
> Kholwa kuphela, nje kholwa kuphela,
> Konke kungenzeka, kholwa kuphela.

Manje asilicula kanje.

> Manje ngiyakholwa, o, manje ngiyakholwa,
> Konke kungenzeka, manje ngiyakholwa;
> Manje ngiyakholwa, o, manje ngiyakholwa,
> Konke kungenzeka, manje ngiyakholwa.

Ngabe ngubufakazi benu lobo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

> Size sibonane! size sibonane!
> Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
> Size sibonane! size sibonane!
> UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *UNkulunkulu Abe Nani*. Manje-ke uthi kuMfowethu Neville, "Kukhona ofuna ukukusho na?"—Umhl.] Vayle.

> . . . ezinyaweni zikaJesu;
> Size sibonane! size sibonane!
> UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

167 Amakhanda ethu ekhotheme, uMfowethu Vayle umi lapha ukuba agikhiphe ngomkhuleko. UMfowethu Lee Vayle, ungumbhali wetabernakele lapha, wamabhuku amalitrisha nezincwadi, kanjalonjalo. Umfowethu oyigugu ngempela, ube nami emikhankasweni eminingi. Ngifisa sengathi benginethuba ukudedela wonke umfundisi, ngibenyusele lapha futhi ngikhulume kubo. Niyaqonda, ngineqiniso. Wonke umfundisi, siyajabula ukuba nani lapha. Bonke abangamalunga nje, abantu bamabandla ehlukene, nabanye, siyajabula ukuba nani lapha. Futhi kungumkhuleko wethu ngempela komunye nomunye, "UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi." Amakhanda ethu ekhotheme, nezandla zethu ziphakeme, asilicule futhi kamnandi ngempela kuNkulunkulu.

> Size sibonane! size sibonane!
> Size sibonane ezinyaweni zikaJesu!
> Size sibonane! size sibonane!
> UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

